

BHEKA, NGIMI NGASEMNYANGO

NGINGQONGQOTHA

 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

² O Nkulunkulu, siyaKubonga kulobubusuku ngalenglanganyelo enhle esibe nayo kuleliviki eledlule, ngaseZwini laKho, nabantu baKho. Futhi sizocela Wena, Nkulunkulu wethu, ukuba ubusise laba, abethamele lomhlango, futhi bawesekela ngazo zonke izindlela. Futhi kwangathi lembali encane yensindiso ingafi neze kulababantu. Kwangathi ingaqhubeka nje iqhakaza kuze kube khona invuselelo eyifeshini endala leyo nje eshanela sonke isizwe. Siphe khona, Baba.

Sinikela zonke lezizinto kuWe manje, senza konke esikukholwayo, lokho, okuhle ukwedlula konke ebesingakwenza, futhi sikushiyela kuWe konke.

³ Siphe inala eyedlulele kulobubusuku, Baba. Kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu lapho inkonzo isivaliwe, hhayi ngokomoya noma ngokomzimba. Nalo lonke udumo luyakuba ngolwaKho, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

(Uma ungenankinga. Kunjalo. Lokho kulungile, mfowethu.)

Ngithe nje ukusha izwi kancanyana, ngakho bengisondeza lomfo omncane kimi, lapha.

⁴ Angazi ukuthi kunini lapho ngijabulele khona inhlanganyelo nabantu, njengoba nginakho kuleliviki eledlule, edolobheni lakini. Leli bekuyijubili nje langempela kimi. Ngiyaxolisa ngidingeke ukuba ngize kini ngikhathele, kodwa nje sengithi angibe ngaleyondlela ngaso sonke isikhathi, ngoba ngihamba ngaso sonke isikhathi.

Futhi siyahamba, manje, kusasa, siye eConcord, ngikholwa ukuthi yiyo, eNew Hampshire, ubusuku obubili.

⁵ Lokhu ukuhlala kwethu isikhathi eside. Futhi siyabonga ngakho, kini, ngakho konke enikwenzile: kwiWorld Harvest, abangabaxhasi bethu, impela siyababonga nge... ukusiletha lapha; nakini befundisi enibambisene; nakubantu abangafundele lutho; nani bantu abasinike iminikelo, nezinto, okhokhe izindleko.

⁶ Futhi uMfowethu Vayle usanda kungitshela nje ukuthi bekukhona uhlobo lomnikelo othathiwe manje, wezimishini

nami uqobo. Lokho, ngiyani-bonga, ngayo yonke inhliziyoyami. Ngolwazi oluhle ukudlula lonke lukaNkulunkulu... ulwazi lwami, uNkulunkulu azongipha lona, ngizokwenza konke okusemandleni ami ukuqinisekisa ukuthi kuya embusweni kaNkulunkulu.

⁷ Futhi manje, uma noma ngasiphi isikhathi ngingaba yisibusiso kini, noma ngisize noma ngayiphi indlela, ningazise nje. Ngibhalele: nguPost Office Box 325 eJeffersonville, e-Indiana; noma uma ungakwazi ukukhumbula ngePost Office Box, vele ubhale "Jeffersonville, Indiana." Futhi kuzoba kimi. Futhi uma nginganithumelela indwangu yokugoba, nginikhulekele, futhi, noma yini engingayenza ukunisiza, ngenze impilo ibe ngcono kancane kini; Ngingumfowenu kuKristu.

⁸ Bese kuthi-ke, ngethemba eNkosini, ukuthi ngoluny'usuku, kuyothokozisa kuNkulunkulu nasentandweni yabantu, ukuthi sizobuyela emuva futhi kini; ngoba ngempela sikujabulele lokhu ukuhlala, ngokuba lapha.

⁹ NoDkt. Vayle; nami uqobo; noMnu. Sweet; noBilly Paul; uLeo noGene, abafana bamateyipu; noMfowethu Sothmann nendodana yakhe: sonke sifuna ukunibonga ngomusa wenu, nenhlanganyelo yenu. Angikaze ngikubone okungecono ezweni. Futhi ngacabanga ngenkathi ngihamba...ngifika eNew England, ukuthi kuyoba yisitashi impela, iqemba elingenandaba labantu abazazisayo, abadla ngoludala. Kodwa ngithole ukuthi lokho akulungile.

¹⁰ Ngokuba ngowaseningizimu, bebelokhu bethi ukuba nomuzwa omncane mayelana neningizimu; kusobala, nonke niyazi, sanqoba impi. Niyabo? Niyakwazi lokho. Awasekho amaYankee asele, oyedwa nje owaseningizimu. Ngatshela omunye lokho esitolo othenga udlele kuso, lapha ngolunye usuku; bama, base bengibuka. Ukucabanga ngaleyonkinga: nibonile ukuthi umningizimu wathini kuYankee ngenkathi efa na? Wamthumelela ithelegramu, wathi, "UNkulunkulu akubusise, Yankee, ngethemba ukukubona futhi." Kungani lokho kwakungeke kube sendaweni yokuqala na? Kunjalo. Kubi kakhulu ukuthi sifanele sibe nalokho.

¹¹ Kodwa ngiphathwe kahle ngempela, futhi bakhuluma "ngokuphatha kahle izihambi kwaseningizimu," ufanele uze enyakatho ukuba ukuthole; kunjalo, kuhlose ngempela lokho, kuhle kakhulu. Ngakho, "UNkulunkulu akubusise," yinto enhle ukwedlula zonke engingayisho, futhi ngineqiniso uma Ezokwenza lokho, sonke siyohlangana futhi, ngolunye usuku. Mhlawumbe uma kungesikho kulokhu ukuphila, siyohlangana ekuphileni okuzayo. Yilokho esikubheke ngabomvu.

¹² Kuleliviki, ubusuku obumbalwa obedule ikakhulukazi, ngithe ukuba nephimbo elibi. Nginitshelile ukuthi

bengingathanda ukuba ngishumayeke ngezinye izihloko ezinjengokuthi *UKhozi Luhlakaza Isidleke Salo*, kanjalonjalo, kodwa nje angibanga nalo iphimbo lokukwenza.

¹³ Bengithi ukuba buthuntu kwezinye zezinto engizishilo. Kodwa emBhalweni, ngizama ukubeka isisekelo, ukuthi, kulesosisekelo, uma nizosemukela, iNew England ingaba nemvuselelo ezoshanela, hhayi iNew England, kodwa izwe. Ngoba sonke silambeke iSinkwa sokuPhila, sibuyele ezindleleni ezindala futhi, sibuyele eVangelini eliyifeshini endala, futhi asiligeine lihamba. Kunabantu abenele phakathi lapha kulobubusuku, abazothatha lokho bakubeke enhliziyweni yabo, ngiyanitshela, benizoba sematheni ephaphandabeni iviki kusukela manje, kuyo yonke iNew England. Kungenziwa, uma nje uvumela uNkulunkulu agcwalise inhliziyi yakho nomphefumulo nokuphila, wena...konke okunye kwakho kuzokwenzeka. Uyoniholo kusukela ngaleyonkathi kuqhubeka.

¹⁴ Futhi manje, kulobubusuku, ku...Sisondela ekupheleni kolwethu oluncane, uhambo lwaseNew England. Sinobunye cishe ubusuku obuyisishiyagalombili ezifundazweni zaseNew England lapha, futhi siphelile eNew York eManhattan Center.

¹⁵ Bese kuthi-ke kuqhubeka, ngikholwa ukuthi kungolokuqala kuJulayi, sizoba ngale ePhiladelphia, kwi-International Convention of the Full Gospel Businessmen. Angazi nje ukuthi kukuphi...iConvention Hall, ngiyakholwa, lapho, yilapho okuzoba khona. Futhi leyo yiFull Gospel Christian Businessmen's International Convention. Kuyoba khona abantu lapho abavela emhlabeni wonke jikelele. Ngingesinye sezikhulumi zabo ngalesosikhathi.

¹⁶ Ngakho, siyobabula ukuba nanoma ubani kuni lapho, uma nikhona. Ngeke sibe nezinkonzo zokuphulukisa, ukukhuluma nje. Ngingathanda ukuba nethuba khona-ke, ukuxhawula isandla sakho, futhi sivuselele ukwazana kwethu.

Futhi manje, kulobubusuku, ngifisa ukuphenya emBhalweni lapha.

¹⁷ Kungecono ngibuyise lento, ngi—ngineqiniso ukuthi i... niyangizwa noma kanjani. Nizwa kahle na? Emuva ngemuva, nizwa kahle na? Phezulu kuvulandi osesitezi na? Phakamisani izandla zenu uma ningizwa, phakamisani nje...Awu, lokho kuhle.

Ayikho into efana ne—neZwi likaNkulunkulu. Ngiyathanda nje ukuLifunda, ngoba ngiyazi ukuthi ungaphumula phezu kwalokho okufundayo.

¹⁸ Futhi manje, uGypsy Smith wake wathi, lapho esezofika ezansi ekupheleni kohambo lwakhe, omunye wambuza, wathi, "Mnu. Smith, iyiphi into eyayixhuhumisa kakhulu o—ongayikhumbula enkonzweni yakho na?"

19 Wathi, “Kwakungumnikelo.” Futhi bambheka ngokuthi ukuxaka. Wathi, “Babengithathela umnikelo ngobunye ubusuku, futhi ngenkathi ngingena emnyango ongemuva,” wathi, “kwakukhona i-intombazanyana imi lapho ne-nesiqephu esincane sephepha esandleni sayo, imanikiniki ngempela futhi impofu. Futhi yathi, ‘Nakhu Mnu. Smith, bebefaka umnikelo wakho, phezulu lapho, epuletini,’ yathi, ‘kodwa ngiyesaba ukuthi bebengeke bawemukele owami, ngakho ngicabange ukuthi bengizovele ngikunikeze wona lapha, Mnu. Smith.’ Yathi, ‘Ubaba wami usindisiwe, nomama wami usindisiwe emhlanganweni wakho, futhi bengifuna ukukunika umnikelo wami. Yikho konke enginakho.’”

20 Wathi, wathi, “Ayibusiswe inhliziyu yakho, s’thandwa.” Wayimbambatha ekhanda futhi waqhubeka. Futhi awusoze waqagela ukuthi kwakuyini: uswidi omncane usongwe esiqeshini sephepha. Wathi lokho kwamshaya kanzima cishe njenganoma yini.

21 Kwase kuthi-ke izolo ebusuku, ngenkathi ngenyuka ngezitebhisi, ngacabanga ngalokho. Bekukhona ejwayelekile, encane, intombazane yaseNew England cishe eneminyaka eyisithupha ubudala, noma eyisikhombisa, imi ezansi lapho emshinini weCoke.

22 Ngiyabathanda abantwana abancane. Nginomfana omdadlana ekhaya, uJoseph omncane, nabo; ngokushesha nje lapho ngingena: ngani, si...Ngifanele ngomgqogqoshe, niyazi; bese ngimbhampisa; futhi siyahamba siyozingela, niyazi, futhi ngakho...

23 Futhi bekukhona intombazanyana imi lapho. Ngathi... Bengikhuluma...ngikhuluma kubafo abenyukayo, yaqalaza...yona...lokho okuncane...Ukubiza ngokuthini, izinwele zisontekile kanjalo na? Umsila wehhashi? Lapho na? Khona lapho na? Namantombazane ami amancane anakho, nawo. Ngakho-ke ngathi, “Unjani, s’thandwa na?”

24 Futhi yathi, “Awusho, Mfowethu Branham, ngikukhonzile.” Ngicabange ngalokho izikhathi eziningana ubusuku bonke ngenkathi ngivuka izolo ebusuku. Lokho nje bekusho okuthile kimi, lowomntwana omncane esho lokho: “Ngikukhonzile, Mfowethu Branham.” Ngizokukhumbula lokho.

Ngathi, “S’thandwa, lokho kuyafana nakimi. Ngikukhonzile, nami.” Abantwana abancane abasondeli yini eduze kwakho na?

25 Ngiyakhumbula eFinland emva kokuvuka kwalowomfanyana, bengi—benginesigejane saleyomali nje ethi nje, o, ngiqagele benizodingeka nibe nenqwaba enkulu kangako ukwenza ikota, futhi ngakho, bekungenjalo, bekungasizi ngalutho kithi. Ngakho, bengizolinda kuze kuthi yonke imenenja nabo bonke, babe nabo bonke ezansi endaweni bekhuluma,

niyazi; Ngiyophumela esitaladini, futhi ngithole lemali (Abantu babenginika yona, bayifake emaphaketheni ami ngiphuma, niyazi.) futhi ngiyothola wonke uswidi engangingawuthola, futhi ngangiba nohide lwabantwanyana, nje, ibanga lendlu yasedolobheni, bonke abafu abancane.

²⁶ Ngiyakhumbula ngenkathi lowomfanyana owayekade evusiwe; nikufundile encwadini, e-hhe, futhi ngakho, lokho kwahamba izwe lonke. Futhi ngalobobusuku, ngingena, ngangi, o, ezimbili noma ezintathu izindlu zasedolobheni ngaphambi kokuba besingafinyelela, ngisho, eMessuhalli; lapho esasinezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu lapho, futhi bangivumela ngikhulume nabo, bese-ke babenze baphume, ezinye izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ziyangena, kanjalo. Ngakho, ngiza ngehla ngesitaladi: amasosha amancane aseFinland, abantwanyana abasebancane, abangakaze bashefe, bona, abafana abancane abanobuso obubushelelezi nje, namajazi amade, amabhuzu amakhulukazi, futhi babehambisana, babeqaphile, behla, ukuvimbela abantu emaceleni.

²⁷ Futhi ngibone into ethize yenzeka lapho: amasosha amaRashiya emi lapho kulokho kubingelela kwaseRashiya, izinyembezi zehla ezihlathini zabo, bathi, “Sizokwemukela uNkulunkulu onjalo, onamandla okuvusa abafuleyo.” Yini eyabangela ubukhomanisi na? Ibandla lehlisile. Kunjalo. “Sizokwemukela uNkulunkulu onjalo.” Futhi ngiwabonile amasosha aseRashiya egaxa iFinland ngezingalo zawo, futhi awagone, futhi awambambathe emhlane. Noma yini eyokwenza umRashiya ambambathe umFinland, noma umFinland ambambathe umRashiya, izoxazulula izimpi. UKristu uyimpendulo ngaso sonke isikhathi.

²⁸ Ngangena, nje namasosha amancane amahlanu noma ayisithupha engizungezile ekhiphe imimese yawo emincane uku... Saqala endaweni encane, sase senyuka ngezitebhisi, njengoba ungena, futhi *ngaleyonkathi* ayecula elithi *Kholwa Kuphela* ngolwimi lwawo.

²⁹ Futhi ngale endlini yokulala yamanenekazi, intombazanyana yaphuma lapho. Yayingukubukeka okudabukisa kakhulu ukwedlula konke engake ngakubona: izinwele zayo ezincane ezimanikiniki; nesiketi sayo esincane simanikiniki sonke; futhi yayini (yayingumntwana ohluphekile), yayine—nensimbi yokwesekela eyizungezile, lapha. Isithombe sayo sisencwadini, imininingwane yaso ayikho lapho, kodwa isithombe nje, nokuncane kwemininingwane. Yayinensimbi yokwesekela enkulu eyizungezile ngalendlela, nomlenze owodwa wawuthi awube, o, umfishane ngama intshi amathathu noma amane kunomunye, futhi yayingasisebenzisi leso sitho nhlobo, sasishwibeka sizihambela. Futhi yayinezinsimbi ezisekelayo ezazisekela

phezulu uhlangothi ngalunye, nesicathulo esikhulu, futhi ekugcineni kwalesosicathulo yayinokokuqhasa, nebhande elaya ngale ehloambe layo, lihhukeke emuva ngemuva kwebhande layo ngemuva kwayo; izinduku zokuqhugela ezimbili. Futhi indlela eyayihamba ngayo: lelibhande, lithe ukumpintsha, yayihlela izinduku zayo ezincane zokuqhugela ziphume, futhi iphakamise ihloambe layo elincane, futhi iphakamise lowomlenze okabi, bese iwubeka phezu kwalezozinsimbi zokusekela, futhi khona-ke yayingazenza ihambe.

³⁰ Ngenkathi, yayisithi nje ayibe kude kangako njengalolodonga, ngenkathi mina, ngingena, futhi ngenkathi ibona ukuthi kwaku...o...ukuthi kwakuyimi, awu, yona—yama, yayingazi ukuthini... Babebatshelele, ningangikhathazi ngenkathi ngingena, niyazi. Futhi ngi... lokho kucishe kungabi nanhliziyo, kodwa ubuyoba ne... ubuyovele uminyaniseke; bayovele nje banqwabelane phakathi kuwe. Futhi—futhi ngakho ngabuka leyonto encane; Ngangazi ukuthi lowomntwana wayefuna ukuza laphaya. Futhi i—isosha emva kwami laqhweba; Angikwazanga ukukhuluma nelilodwa igama, ngakho ngavele ngalitshelela nje, “Umzuzu nje.” Futhi abanye ababili noma abathathu baphenduka: “Umzuzu nje.”

Ngabuka intombazanyana, ngathi, “Uyafuna ukuza ngapha, s’thandwa na?” Kusobala, ayikuqondanga engikushilo.

³¹ Ngase-ke ngiyiqhweba *kanje*, futhi nansi iza. Yakhapha izinduku zayo zokuqhugela ezincane, yaphakamisa umlenze wayo omncane, yase iwubeka ngale, yayisiza ngapha. Futhi ngama nje ukuba ngibhekisise, ngibone ukuthi leyonganyana izokwenzani. Futhi yenyukela ngqo eduze kwami, yama, yakhapha izinduku zayo ezincane zokuqhugela. Yelula isandla phansi yase ibamba i... iphakethe lami; yalidonsela ezindebeni zayo ezincane, futhi yanga iphakethe lami, yawisa ibhantshi phansi. Njengamantombazane amancane aseFinland, njalo ngesizotha impela, ibambe izinduku zayo zokuqhugela ezincane, yayikhiphe isiketi sayo esincane, yathi, “Kiitos.” *Kiitos* kusho ukuthi, “Ngiyabonga.” “Kiitos.” Ngabheka ngale, nalezo zindebe ezincane zivevezela, izihlathi ezincane ezibukeka ziphaphathekile, nezinyembezi zehla ezihlathini zayo ezincane; Ngathola kamuva, yayiyintandane encane yempi. Uyise nonina babekade bebulewe amaRashiya empini, futhi yayihlala ethendeni. (Futhi loludaba, ababeyilungisele lona.) Yayingenayise ingenanina. Ngiyakholwa ukuba ngangikade ngingumzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, uNkulunkulu wayeyokuhlonipha lokho kukholwa komntwana.

³² Angikwazanga ukukhuluma nayo. Ngangithi nje ukwesula unyembezi oluncane esweni lami, futhi ngaqala...futhi ngayibona imi phambi kwami, embonweni, ingafake zinsimbi sokwesekela, kanjalo nje. Ngacabanga, “Ngingayenza

kanjani ikuqonde lokho na?” Ngathi, “S’thandwa, uJesu, Ukuphulukisile.”

Yasho lowo, “Kiitos,” yayicabanga ukuthi ngangiyilandela, yaqala ukubuyela emuva kanjalo.

Ngacabanga, “Awu, ayibusiswe inhliziyi yayo encane, izokuthola ngesinye isikhathi.” Ngaqhubeka ngangena.

³³ Cishe ekupheleni kwenkonzo nomfowethu—wethu, khona-ke (uBilly wayemncane kakhulu ukuba abe nami), uMnu. Baxter nabo wayemi lapho; bacabanga ukuthi ngase nje cishe ngenene, babehamba e—e... zongenza ngisuke emsamo. Ngase ngithi, “O, awu, biza abahlanu nje, cishe abahlanu futhi, bese ubakhuphula.”

³⁴ Ngakho-ke babefanele bathole umhumushi owayekhiphe amakhadi omkhuleko, futhi sasingakwazi ukukhuluma ulwimi lwesiFinishi, futhi omunye *lapho* wayefanele akhiphe amakhadi. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, yayingolandelayo emgqeni. Ngathi kuNkk. Isaacson (ozohlangana nami eNew York, wayelapho ngobunye ubusuku, umhumushi wami, Owazalelwa eMelika, owesifazane okhuluma isiFinishi), ngase ngithi, “Dadewethu Isaacson, shono nje njengoba ngisho.”

³⁵ Futhi ngathi, “Busisa inhliziyi yakho encane, s’thandwa. Uyintombazanyana ebiphandle lapho umzuzu nje embalwa... UJesu ukusindisile, s’thandwa. Iya ngale, futhi ube nabanye babo bakhumule lezozinsimbi zokwesekela, ubambe izandla zakho ezincane ezinqulwini zakho, futhi lapho insimbi yokwesekela iphuma, vele ushelelise isandla sakho esincane sehle ngesitho sakho, bese uyabuya futhi ungikhombise.” Futhi olandelayo kwakungowesifazane, bamkhuphula. Khona manjalo ngezwa ukumemeza, futhi nansi iza nalezozinsimbi zokwesekela ehlobo layo, imemeza ngephimbo layo lonke, igijima yehla yenyuka ngezitebhisi ezithile, ezihamba ngaleyondlela, ngamandla ayo onke; lawomehlo amancane onke akhanya bha.

³⁶ Ngiyanitshela, lokho bekuyongenza ngizame ukubhukuda olwandlekazi, ukubona uNkulunkulu enza into enjengaleyo komunye. Into ethize ngomfo omncane yayithambile. Ngibathanda ngempela. Ngingahle ngingaphinde ngiyibone empilweni; kodwa ngiqagele ngizoyibona ngakolunye uhlangothi.

³⁷ Manje, sizovula iZwi. Manje, ngizokhuluma kulobubusuku oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Okungukuthi, ngineqiniso ukuthi sonke, kulobubusuku, siyazi ukuthi siphila oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Niyakukholwa lokho na? Lowo kwakungunyaka webandla wokugcina, futhi lona ngumlayezo oya oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Njengoba ngibe l’khuni kakhulu ekuziphatheni kwabantu, nezwe, nendlela

ibandla elehlise ngayo, ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizokhuluma kulokhu kulobubusuku.

Ngaphambi kokuba sivule iNcwadi, asikhulume kuMlobi kuqala, namakhanda ethu ekhotheme.

³⁸ Baba, manje sesizovula nje leliZwi, siphenye amakhasi, futhi sifunde lapha okwengqikithi. BesingaKucela ukuba ube nomusa, nokuba usihumushele iZwi, ngokuba siyazi ukuthi akukho-muntu okwaziyo, njengoba sibonile emiBhalweni, akukho-muntu owayengavula iNcwadi noma aqaqe iziMpawu kuyo, akukho-muntu eZulwini, emhlabeni, ngaphansi komhlaba; kepha iWundlu leza, futhi layithatha iNcwadi, futhi LaYivula, futhi lathatha iziMpawu, futhi lavula iziMpawu, futhi laYembula. O Wundlu likaNkulunkulu, woza kulobubusuku futhi usembulele iZwi laKho, futhi ulivule ukuze ukuqonda kwethu kuphelele.

³⁹ Nkosi Nkulunkulu, angenele ukukhuluma naleliqembu labantu abathandekayo. Hhayi ukusho lokhu ukuthi bayangizwa, ngokuba lokho bekuyoba ngumzencisi, kodwa Wena uyazi, Nkosi; futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzonginika okuthize engizokusho ngalesisikhathi, okungahle kuqale imvuselelo ukuba igeleze ngempela. Siphe khona, Nkosi.

⁴⁰ Kwangathi abagulayo bangaphulukiswa; izithulu nezimungulu ukuba zikhulume futhi zizwe; izimpumputhe zibone; abakhubazekile bahambe. Kwangathi bangabona futhi baqonde ukuthi uJesu ukhona. Futhi lapho sesihamba kulobubusuku, kwangathi singasho, njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Ngokuba sikucela eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

⁴¹ ENcwadini yeSambulo, isahluko 3 nevesi 20, ngifuna ukufunda lelivesi elilodwa. Abaningi benu bazofunda. . . ufunde yonke iNcwadi. Ngifisa sengathi beningasifunda lesisahluko 3, empeleni, lapho seniya ekhaya kulobubusuku. Kodwa ivesi 20 lifundeka kanje:

Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

⁴² Leyo yingxeny eencane nje yalomlayezo omkhulu ebandleni laseLawodikeya. Kodwa niyabo, kunokwanele lapho, uma uNkulunkulu nje ezosivulela lokho, khona-ke sizoba nokwanele. YiZwi laKhe. Futhi kunezikhathi eziningi, njengasemlayezweni, ngezinye izikhathi besingashumayela amahora, futhi ngezinye izikhathi imizuzu eyishumi nje. Kuya ngokuthi iyiphi ingxeny yeZwi uNkulunkulu asivulela yona.

⁴³ Yizinto ezincane esizishiya zingenziwe, sizama ukwenza izinto ezinkulu. Futhi iketango lisezingeni lalo—lalo eliphezulu kuphela ekuxhumaneni kwalo okubuthakathaka kunakho

konke. Khumbulani, akunandaba ukuthi okunye ukuxhumana kukhulu kangakanani, akusoze kwabambelela ngaphezu kokuxhumana kwalo okubuthakathaka kunakho konke. Nebandla liyafana: aliqinile kunelunga lalo elibuthakathaka kunawo onke.

⁴⁴ Futhi sizama ukucabanga uma singathola izixuku ezinkulu zabantu, noma ezinkulu, izikhulumi ezinamandla, noma sibe nokuthile okukhulu okufanele kwenziwe, noma sihehe ukunaka kwabantu abakhulu; kodwa niyabo, uNkulunkulu akabheki njalo kulokho esikubiza ngokuthi kukhulu. UNkulunkulu ubona izinto ezincane, futhi.

⁴⁵ Enhla esizweni sakithi esingumakhelwane, eCanada, esikhathini esithize esedlule, umngane wami olungileyo, uMfowethu Baxter waseVancouver, sasiphezulu lapho ekuvakasheni kukaKing George. Lokho kwakungaphambi kokuba aphulukiswe enokuqina kwemithambo okuninginingi nesisu sakhe esinezilonda ngaphakathi. Futhi ngempela ngangiyihlonipha indoda. Futhi ngenkathi ehla ngesitaladi ngalolosuku, nokho ehlushwa, bathi, ubuhlungu obukhulu kukho kokubili isifo sakhe sokuqina kwemithambo nesilonda sakhe sangaphakathi, wahlala waqonda ngqo, ekhothama ezikhonzini zakhe lapho edlula ngasesitaladini.

⁴⁶ Futhi ngamqaphela umngane wami, ngenkathi inkosi yedlula, wavele wabihlika futhi wakhala izinyembezi. Wathi, “Mfowethu Branham, cabanga, nanso inkosi, futhi buka indlovukazi igqoke ingubo yayo enhle.”

⁴⁷ Futhi ngacabanga, “Uma lokho bekungenza umuntu waseCanada azizwe ekahle kangako” engikuhloniphayo, futhi ngicabanga ukuthi lokho kulungile, “futhi uma ubengazizwa ngaleyondlela, njengomCanada, ngenkathi uKing George nendlovukazi bedlula, kuyoba njani lapho sesibona uJesu, iNkosi yethu, edlula na?”

Izikole zonke zaphuma, nothisha banikeza abantwana abancane amanye amafulege amancane aseBrithani ukuba bawaphephezelise enkosini lapho idlula.

⁴⁸ Futhi emva kokuba inkosi isihambe indlela yayo yehla ngesitaladi ngenqola yayo, awu, bonke abantwana kwakufanele babuyele esikoleni, futhi intombazanyana eyodwa yayilahlekile. Ngakho bona, uthisha waphuthuma esitaladini ukuyobona lapho umntwana ayeye khona esixukwini esikhulu sabantu, futhi bamthola emi emva kwesigxobo setelegrafu, ekhala izinyembezi kakhulu ngenhliziyo yakhe encane. Nothisha wamqokula, wayesemgona ngezingalo zakhe futhi lapho ethi, “S’thandwa, yini engalungile na?” Wathi, “Awukwazanga ukubona inkosi yedlula na?”

Wathi, “Yebo, ngiyibonile.”

“Uliphephezelisile iflege lakho na?”

Wathi, “Yebo, ngiliphephezelisile iflege lami.”

“Ngabe umemezile kakhulu futhi wamdumisa kakhulu lapho edlula na?”

“Yebo, ngikwenzile lokho.”

Wathi, “Futhi ukwazile ukubona inkosi na?”

“Yebo.”

Kodwa wathi, “Awu, ukhalelani na?”

Wathi, “Thisha, ngiyibonile inkosi, kodwa bengimncane kakhulu ukuba inkosi ingibone. Ayingibonanga futhi bengiphephezelisa iflege lami, kodwa bengimncane kakhulu.”

⁴⁹ Lokho kungahle ukuba bekuyiqiniso, kodwa akunjalo ngoNkulunkulu. Akunandaba ukuthi umncane kangakanani, nokuthi ungabonakala ungelutho kangakanani, uNkulunkulu ubona konke ukukhonza okuncane oMenzela khona; yonke into encane, Ukhona lapho ukukubuka nokukubusisa, ngokufanayo nje njengomuntu omkhulu.

⁵⁰ Manje, sinendaba engejwayelekile kulobubusuku, noNkulunkulu akajwayelekile, futhi Wenza izinto ezingejwayelekile; hhayi ngendlela yaKhe uQobo, kodwa ngendlela yethu yokucabanga, akwejwayelekile.

⁵¹ Futhi ngiyalikhohlwa igama lomdwebi, ngalesisikhathi, owadweba lesisithombe esidumile sikaJesu engqongqotha emnyango. Futhi nokho, lapho isithombe sidwetshiwe, ngaphambi kokuba sidume, sizofanele sedlule kulokho okubizwa ngokuthi, “ihholo labagxeki” kuqala. Nokho, kwabiza lendoda impilo yayo, yonke impilo yayo, ukulungisa lesisithombe, njengoba kwenza iSidlo Sakusihlwa sokuGcina.

⁵² Futhi emva kokuba isithombe sesidlule ehholo labagxeki, khona-ke singalengiswa ehholo lodumo. Umfanekiso onje pho webandla: ngaphambi kokuba lize lithathwe ohlwithweni, liye ehholo lodumo eMbusweni kaNkulunkulu, lizofanele ledlule kubagxeki, ukubona ukuthi lingakumela yini ukuhlolwa. “Ungacabangi ukuthi kuxakile lapho ukuvinywa komlilo kwehlela phezu kwakho.” Konke kwenzelwa ukuhlola ukukholwa kwakho. “Nabo bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa.” Akekho oshiywa ngaphandle, bonke (uNkulunkulu akanaye oshiywa ngaphandle kulokho.), bonke abantu bafanele babe nokuqeqeshwa kwabantwana babo.

⁵³ Futhi ngenkathi lesisithombe esikhulu sasiya kubagxeki, kwakukhona umgxeki oyedwa ogqamile owenyukela kulombhali othize, futhi wathi kuye, “Mnumzane, ngicabanga ukuthi isithombe sakho sikaKristu siyamangalisa. Ngicabanga ukuthi umnyango nesakhiwo kuyamangalisa. Futhi ukuzwakalisa kokulindela ukuzwa impendulo evela ngaphakathi, ngicabanga ukuthi konke kuyamangalisa. Kodwa yinye nje into oyishiyile.”

Futhi umdwebi wathi, “Mnumzane onomusa, yini le engiyishiyile esithombeni sami na?”

Wathi, “Asikho isibambo emnyango.”

“O,” umdwebi wathi, “Ngisidwebe kanjalo.”

Wathi, “Awu, Ubengangena kanjani, akunandaba ukuthi Wayengqongqotha kangakanani, uma sasingekho isibambo emnyango na?”

Wathi, “Mnumzane, kuloludaba, isibambo singaphakathi. Lowo ongaphakathi ufanele avule.”

⁵⁴ Akakwazi ukuvula engaphandle: Akakwazi ukukusindisa ngaphandle kwentando yakho; Akakwazi ukukuphulukisa ngaphandle kwentando yakho; Akakwazi ukuthumela invuselelo ngaphandle kwentando yakho; ufanele uvume, futhi uvule emnyango, futhi uMmeme angene.

⁵⁵ Kungani umuntu ubeyongqongqotha komunye umnyango na? [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] O, isithombe esinje pho. Futhi lapha Wathi, “Ngimi ngingqongqotha emnyango.” Awu, Uzama ukwazi ukungena.

⁵⁶ Kukhona okuthize ukuthi othile ungqongqotha emnyango wakho, umngane, kumbe noma kungaba yini, bazama ukwazi ukungena ebukhoneni bakho, ukuze bakwazi ukukhuluma nawe, noma bakunike okuthize, noma bacele okuthile okwakho. Amadoda amaningi amakhulu, kusukela phansi eminyakeni, ingqongqothe eminyango.

⁵⁷ Isibonelo nje, ucabanga ukuthi bekuyokwenzekani uma uKesari omkhulu, wosuku lwakhe, ubeyokwehlela emnyango womuntukazana, futhi wangqongqotha emnyango, futhi lowomuntukazana ubeyoya emnyango, futhi wabona omkhulu, uKesari onamandla emi lapho na? Ubeyophosa umnyango uvuleke, futhi awe ngobuso bakhe, bese ethi, “Mnumzane, ngena ekhaya lami. Uma kukhona noma yini oyifisayo ekhaya lami, noma oyifisayo kimi, ngokujabula uzakukwemukela. Ungihloniphile, mnumzane, mbusi omkhulu waseRoma, ukuza emnyango wami, ngokuba ngingumuntu ompofu, futhi unginika ukuhlonishwa ukuba ume ezitebhisini zami.”

⁵⁸ Noma ukuba-ke, eJalimane eminyakeni embalwa edlule, ukuba u-Adolf Hitler ongasekho wayezokwehla ko omunye wamasosha ahamba ngezinyawo aseJalimane futhi wayengqongqothile emnyango walo na? [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Futhi isosha beliyoya emnyango, futhi lavula umnyango, futhi nakho kumi umbusi onamandla waseJalimane. Lelo sosha elincane beliyoshaya indesheni, nangesaluthi salo saseJalimane, futhi ngenjabulo enhliziyweni yalo, nezinyembezi zehla esihlathini salo, beliyothi, “Mbusi omkhulu waseJalimane, unghloniphile, mnumzane,

indoda enkulu kunawo onke eJalimane. Ngena endlini yami. Futhi uma kukhona noma yini lapha oyifunayo, ingeyakho. Yini ebengingayenzela umbusi wethu omkhulu waseJalimane na?" Uyabo, kuya ngokubaluleka komuntu osemnyango wakho.

⁵⁹ Niyazi, kulobubusuku, uma i...Bekuyoba ukuhlonishwa kumDemokrati ongcono kunabo bonke kulelidolobha, ukuba uMongameli Dwight Eisenhower eze angqongqothe emnyango wakho. Nakuba ubungevumelane naye kwezombusazwe, nokho, uMnu. Eisenhower ungomunye wamadoda amakhulu kunawo onke asegunyeni kule-United States of America. Futhi ubuyozizwa kanjani, nakuba ungavumelananga naye, ukwazi ukuthi uMongameli wale-United States wama angqongqotha emnyango wakho na? [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Ubuyozizwa uhloniphekile ngoba ungumongameli.

⁶⁰ Noma maduze nje, indlovukazi yaseNgilandi ivakashela eCanada, futhi yafika e-United States. Futhi ngenkathi ilapha e-United States, uma-ke ifika lapha eBangor, eMaine, futhi yehlela kowesifazane ompofu kunabo bonke okhona kulelidolobha, nekhaya elithobeke kunawo onke elikhona, futhi ibiyongqongqotha emnyango na? Akusikho lokho kuphela, kodwa ikhaya elikhulu kunawo onke edolobheni, noma yiliphi ikhaya na? Ubuyohlonishwa ngaleyondlovukazi iza, ingqongqotha, nakuba ungesiso isikhonzi sayo; kodwa nokho, ukwazi ukuthi iyindlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni wonke, lendlovukazi eNgilandi manje, futhi ubuyohlonishwa. Futhi ukuba ubuye emnyango, futhi ibiyothi, "Ngiyindlovukazi yaseNgilandi. Ngiza ukuzokuvakashela."

⁶¹ Ubuyothi, "Ndlovukazi enkulu, ngena ekhaya lami. Noma yini..." Ukuba ibicelile, unganale ukuba ubunobucwebe obuncane obucabanga kaningi ngabo, kodwa uma leyondlovukazi ibiyokucela lokho, ubuyoyinika ngokujabula, ngoba bekuyoba ngukuhlonishwa ukunikeza lokho indlovukazi, indlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni.

⁶² Futhi ukuba ibikwenzile lokho, yonke imisakazo eMelika, noma, ezweni ibiyokukatha umlayezo. Yonke ithelevishini, onke amaphephandaba abeyothi, "Indlovukazi enkulu yaseNgilandi ize eMelika, futhi yazithoba ukuba yehlele ekhaya lomuntukazana elimpofu, futhi ivakashe nomuntu *othize-thize*." Ibaluleke kakhulu.

⁶³ Kodwa, ubani obaluleke ukwedlula uJesu na? Futhi ubani oxoshwayo kunoJesu na? UJesu uzofika futhi angqongqothe emnyango wenhliziyo, ezama ukwazi ukungena ukuba akunike ukuPhila okuPhakade, futhi Uxoshwa njengohlanya. Futhi uma ubuyoMemukela; unanoma yikuphi ukubhalwa, bekuyobizwa ngolunye uhlobo lokunyunдела: "Isigejane sezinhlanya. Awukaze ukuzwe okunjalo empilweni yakho."

64 Lokho kuyakhombisa ukuthi izwe lisenayo imiqondo yalo ngoKristu, ngenkathi lithi, eKalvari, “Sinike uBaraba, futhi wena bethela uJesu”; kusesenzliziweni yabo.

65 NoJesu ufuna ukungena ukuba akubusise. Indlovukazi ingahle ukuba ithathe okuthize kuwe, kodwa... futhi uMnu. Eisenhower angahle ukuba uyakucela ukuba ushintshe ezombusazwe zakho, kodwa uJesu ufuna nje ukungena futhi akubusise. Futhi uyaMxosha, awuMfuni.

66 Wenqatshiwe... wenqatshiwe eminyango eminingi kunabo bonke abanye abantu abakhulu emhlabeni wonke. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yeZulu, okunguyena kuphela uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, oMkhulu kunabo bonke abakhulu: kusukela kophakeme kunabo bonke eZulwini kuya kophansi kunabo bonke ezweni, imigodi yesihogo, wehla ukusindisa isizwe sika-Adamu, futhi wanikela ngokuphila kwaKhe ngesihle njengesihlengo, nokunxusela. Futhi abesilisa nabesifazane bayaMxosha njalo ebusuku: ukuzidla kakhulu, uyesaba ukuthi kuzolimaza isithunzi sakho, wesaba ukuthi kukhona umuntu ozokhuluma ngawe, omunye athi wena, awu, unguhlanya lwenkolo. Qhabo. Kuhlala kukhulunywa ngaYe, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, futhi Yena, namanje, kulobubusuku: “Uma bebeyobiza iNkosi yendlu ngoBelzabule, bayobabiza kakhulu kangakanani abayizikhonzi zaYo na?” Nokuthi Ukulangazelela kanjani ukungena enhliziyweni yakho.

67 “Awu,” ubuyothi kimi, “umzuzu nje, Mnu. Branham, ngifuna uqonde udaba lwami. Futhi ngifuna ukukunika lona: Ngangenisa uJesu, kudala, noJesu wafika enhliziyweni yami eminyakeni eminingi eyedlula.”

68 Awu, ngi—ngiyabonga ngalokho. Futhi nje ngiyabule nje (akunandaba ukuthi ungowaliphi ihlelo lebandla: iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, noma ungangahle ube yini), bengiyojabula nje impela, njengokuthi, uma ukwenzile khona lapha. Ngiyabulela ukuthi ukwenzile lokho, futhi ngiyabonga uNkulunkulu ngawe ukwenza. Kodwa uMngenisela, ini na? Ukukusindisa nje emililweni yesihogo na? Noma waMngenisela, ukuba abe yiNkosi yakho na? Manje, uma nje uMngenisela, ukuba usindiswe ekujezisweni kwesikhathi esizayo, Akasiyo iNkosi yakho, okwamanje. *Nkosi* kusho “ubunikazi, ukubusa.” Lapho uMngenisela, ufanele uMvumele abe nelungelo lendlela lapho Engena.

69 Manje, enhliziyweni yomuntu, kuneminyango emincane ngaphakathi kwalowomnyango wokuqala, inqwaba yeminyango emincane; futhi ake sibuke eminye yaleyominyango emincane imizuzu embalwa.

70 Umnyango omncane wokuqala emva kokuba uJesu engena: Ubuyocabangani, ukuba ngingqongqothe emnyango wakho,

futhi wehlela lapho, futhi wathi, “Siyakwamukela, Mnu. Branham”?

Bengiyothi, “Ngiyabonga.” Bengiyokhumula isigqoko sami bese ngihamba ngiyongena endlini yakho.

⁷¹ Futhi uma uthe, “Manje, Mnu. Branham, ngi—ngikungenise emnyango, kodwa hlala nje khona lapha. Ungaqhubekeli phambili kunakhona lapha. Angifuni uzigaxe endlini yami.”

Bengingezizwe ngemukelekile kakhulu.

⁷² Futhi lapho nje ungenisa uJesu, ukuze ukwazi ukujoyina ibandla, futhi ube ne . . . ungene emphakathini ongcono kancane, uJesu akamukelekile kulolohlobo lwenhliziyiyo. Impela akanjalo. Uma ungingenisa endlini yakho . . .

⁷³ Uma ngikwemukele endlini yami, bengiyothi, “Ngiyakwamukela,” uma ngikungenisile, “qhubeka, yenza okufunayo, usendlini yami. Bengingeke ngikungenise, ukuba bengingenakho ukukwethemba.”

⁷⁴ Futhi uma ungingenise endlini yakho: bengilambile, bengiyoya ebhokisini leqhwa bese ngizisikela, ucezu lukapoloni, bese ngizitholela isinkwa, nocezu oluhle luka-anyanisi, bese ngihamba, ngihlale phansi, ngizenzele isemishi; uma ngikhathele, ngikhumule izicathulo zami, ngicambalale ngingume embhedeni, futhi ngilale isikhashana. Impela. Bengiyozizwa sengathi uma ungamukela ngingene, bengingumngane wakho, futhi benginelungelo noma yikuphi endlini yakho, uma ucabange ngokwenele ngami ukuba ungamukele. Impela.

⁷⁵ Kodwa lapho singenisa uJesu, sithi, “Kristu, ungangivumeli ngiye esihogweni; kodwa Ungahambi ukuyozigaxa eminyango yami emincane phakathi lapha.”

Ake sibheke kweminye yaleminyango.

⁷⁶ Emva nje kokuba ungene enhliziyweni yomuntu, uyophendukela ngakwesokudla, futhi nanko umnyango omncane kuso sonke isidalwa esingumuntu, obizwa ngokuthi “impilo yangasese.” Awufuni-muntu ozilulaza ngalowo, hhayi ngisho noJesu.

⁷⁷ “Manje, ngizojoyina ibandla laKho, Nkosi, futhi ngizoba yilunga elihle. Ngizokhokha amaphesenti ami ayishumi, noma izithembiso zebandla. Ngizoya kuSonto sikole njalo ngeSonto ekuseni, uma umelusi engashumayeli kodwa imizuzu engamashumi amabili. Futhi ngiyozenza zonke lezizinto, kodwa ungayi kozigaxa empilweni yami yangasese.”

Manje, lokho akusibo yini ubuKristu besimodeni na? Kungani na? NguNyaka weBandla laseLawodikeya. Akasiyo iNkosi. Akasuye umbusi enhliziyweni yomKristu wesimodeni. Qhabo, mnumzane.

⁷⁸ “Manje, uma uzokhuluma uphikisane nemidlalo yamakhadi... Manje, singabomphakathi omncane odlala amakhadi: mina, noNks. Jones, no—noNks. John Doe, nathi sonke. Futhi manje, uma nizophazamisa emiphakathini yethu, phumani.” Kunjalo. “Manje, sithatha isiphuzo esincane sobungani, futhi asicabangi ukuthi kukhona noma yini kulokho. Futhi manje, ngiyazi bengingafanele ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Kodwa ungangeni empilweni yami yangasese.”

Manje, nicabanga ukuthi Ubeyomukeleka enhliziyweni enjengaleyo na? Impela ngeke.

⁷⁹ Bese kuthi-ke kukhona omunye umnyango omncane nje—nje, ulapha ekhoneni ngqo, ngomunye umnyango omncane, futhi lowo ngumnyango wobugovu: “Ngizokungenisa, Nkosi. Ngizojoyina ibandla laKho,” bese kuthi-ke, “ukubona nje ukuthi yini engingayithola kukho.” Futhi ngezinye izikhathi lokho kungena kubashumayeli. Futhi niyazi, bathi, “Impela, ngizoba ngumfundisi, uma wonke umuntu engimbambatha emhlane, futhi athi, “Ungumfo olungileyo.”

⁸⁰ Uma wonke umuntu engimbambatha emhlane, futhi wathi ngangingumfo olungileyo, bengiyofika e-altare nje, ngokukhulu ukushesha ebengingakwenza. Mm. Ngiyazi kuzoba khona okungalungile, ngoba iBhayibheli lathi, “Maye kini, nxa bonke abantu bekhuluma kahle ngani!” Niyabo. Izwe liyabazi abalo; izwe lizonizonda. Kodwa uNkulunkulu uzonithanda.

Futhi lena encane, enobugovu; futhi o, besingahlala isikhathi eside kangakanani kulokho: ubugovu.

⁸¹ Bese kuthi-ke kukhona omunye umnyango omncane, eduze ngqo kwalowo, obizwa ngokuthi “ukuziqhenya”: “Manje, ngiyaKutshela, Nkosi, Ungangitsheli nje ukuthi ngizokwembathani noma yini engizoyikhumula. Hlala ngaphandle kwalelokamelu. Ngizo... Naka izindaba zaKho, ngizonaka ezami.”

“O, manje, bengingeke ngakusho *lokho*.”

⁸² Kodwa izenzo zakho ziyafakazisa ukuthi uyakwenza. Nginomama omdala waseningizimu ongitshela ukuthi izenzo zikhuluma kakhulu kunamazwi. Izenzo zakho ziqine kakhulu, asikwazi ukuzwa ubufakazi bakho.

⁸³ Futhi lapho uthatha abantu abenza ukunganaki: “Manje, ungangitsheli, mshumayeli, ukuthi ngizokwenzani. Angikhathali ukuthi iBhayibheli lithini, ngiyazi ukuthi ngicabangani ekhanda lami uqobo.”

Kunjalo, awusacabangi enhliziyweni yakho, futhi.

⁸⁴ “Ngiyazi ukuthi ngenzeni, futhi angisidingi iseluleko sakho, futhi angifuni ukuba ungifundele noma yiziphi zezinto zakho zomgingqiki ongwele.” Niyabo? Kepha nokho uthi, “Ngi... vumela uJesu angene.”

⁸⁵ Futhi kukhona omunye umnyango omncane nje ngakwelinye ikhona othiwa “ukukholwa”: “Manje buka, Jesu, Ungangena emnyango, kodwa lokho kungukukholwa okuningi njengoba ngikudinga.”

UNkulunkulu uzama ngamandla aKhe onke ukungena kulowomnyango wokukholwa kwakho, futhi avule inhliziyi yakho ukuze uMkholwe.

Wena uthi, “O, ngavumela uJesu wangena kudala, kodwa izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

Lokho kukhombisa ukuthi Akasiyo iNkosi, okwamanje, enhliziyweni yakho.

“Ngiyakholwa ukuthi babenombhaphathizo kaMoya oNgwele ngosuku lwePhentekoste, kodwa angikholwa ukuthi kungokwanamuhla.”

Lokho kukhombisa ukuthi Akakangeni, okwamanje. E-hhe.

⁸⁶ Lapho uvula lowomnyango omncane wokukholwa, futhi uthi, “Nkosi Nkulunkulu, angikhathali ukuthi noma ubani uthini, ngifuna Wena uhambe ungene futhi uqinise leliZwi kimi.” Khona-ke Wemukelekile. Khona-ke awuzukudingeka ugxume usuka endaweni uye endaweni, futhi ube no-Oral Roberts ukuba abeke izandla phezu kwakho, no-nomunye ukwenza *lokhu*, nokwenza *lokho*; uyovele nje uthathe uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi uqhubekele phambili, lapho Engama emnyango wokukholwa kwakho.

⁸⁷ Yiliphi ibandla Akhuluma kulo na? ILawodikeya, lelibandla. Mdedele nje emnyango. “Ngimi emnyango ngingqongqotha: Ngizama ukungena.” Ufuna ukuvula amasimu eningazi lutho ngawo, namanje. Ufuna ukunikhombisa izinto ezibonwayo nezibonakaliso nezimanga ongakaze uphuphe ngazo, namanje.

⁸⁸ O, ukuba kuphela Ubengangena emnyango waleliqembu elincane labantu lapha kulobubusuku. Uma Ebengangena emnyango, futhi ame emnyango wokukholwa, ngiyanitshela, bekuyobakhona imvuselelo; kungani kwakuyobakhona... ibiyoshanela yonke iNew England ekuseni, uma kuphela Ubengathola umnyango.

⁸⁹ Bekungeke kube...lomnumzane ohloniphekile ubengeke abe sesihlalweni esinamasondo, lelonenekazi belingeke lihlale lapho; wena, emuva lapho, unomdlavuza, inkathazo yenhliziyi, ukhubazekile, uphuphuthekile: bekuyokwenzeka nje masinyane, uma uKristu ubengangena emnyango, futhi athi, “Leli yiZwi laMi noMoya waMi; Ngimi ngingqongqotha.” [UMfowethu Branham unggqongqotha epulpiti—Umhl.] Uzama ukungena.

⁹⁰ Senzani na? Izwe maliMsuse: isayense yethu yezenkolo; ubulungu bethu; inqwaba yezinto amabandla ethu azifundisayo, ukuthi lezozinto azisekho. Awu, ibandla lakho nje alikawuvuli umnyango wokukholwa, okwamanje. IBhayibheli lathi,

“Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Yilokho Afuna ukukumemezela kini.

⁹¹ Bese kuthi-ke uma Engena kuleyongxenywe, kukhona nje omunye umnyango engingathanda ukukhuluma kini ngawo, lowo ngumnyango wamehlo akho. Niyazi, indoda ingaba yimpumputhe, futhi ingakwazi: iphuphuthetheke ngokomoya. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

“...khona-ke, uma ngingongakholwayo, ngishaye ngobumpumputhe.”

Ngathi, “Usuvele uphuphuthekile.”

Yathi, “Awu, ngishaye ngobumpumputhe, njengoba kwenza uPawulu.”

Ngathi, “Ngizosho kuwe, into efanayo iNkosi yami eyayisho kuyihlo: ‘Buyela emva kwami, Sathane.’” Niyabo?

Futhi yathi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona. Uma uzongishaya ngobumpumputhe...”

Ngathi, “Mnumzane, uphuphuthekile manje.”

Yathi, “Ngiyabona, kahle njengoba ungabona.”

⁹² Ngathi, “Uxolo.” E-hhe. “Awukwazi.” Ngathi, “Uphuphuthekile, uphuphuthetheke ngokomoya, okuphindwe kashumi lezigidi kunokuphuphutheka kwenyama.” Uma ngifanele ngiphuphuthetheke, Nkulunkulu, mangingabe ngisakubona ukukhanya kwemini, ukuba ngiphuphuthetheke kuKristu nasemiBhalweni, ngoba ngizoba namehlo, noma kanjani.

⁹³ Njengoba wayenjalo umprofethikazi oyimpumputhe, ethempelini, u-Ana, ufika ngakuMoya oNgcwele, futhi uza kuKristu uMntwana, wahlwa, ephuphuthekile, wadabula kuleyondawo yokuhlangana yabo bonke labobantu, futhi wama futhi waprofetha phezu kukaJesu; ngenkathi uSimeyoni, eholwa nguMoya oNgcwele, ephumela ethempelini: amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.

⁹⁴ Kuthiwani ngoGehazi no-Elisha ngenkathi beseDothani na? Nempi yamaSiriya yayitholile, ukuthi, babecabanga ukuthi wayeseDothani, futhi ngalobobusuku bakanisa ngasemzini. Futhi ngenkathi inceku ivuka ngokusa okulandelayo, uGehazi, wabuka phandle lapho futhi wabona yonke impi yamaSiriya. Futhi wathi, “O, baba wami,” wathi, “amaSiriya asizungezile.”

⁹⁵ Wathi, “Kodwa baningi abanathi kunabanabo.” Lowomprofethi omdala wama lapho eqinile nje futhi epholile: “Baningi abanathi kunabo.”

UGehazi waqalaza; wathi, “Angiboni muntu.”

⁹⁶ NoNkulunkulu wathi, “Nkosi,” noma, u-Elisha wathi, “Nkosi, vula amehlo alomfana, ukuze abone.” Futhi ngenkathi ukubona kwakhe kweqiniso kufika kuye, kwakukhona izinqola

zomlilo macala onke lowomprofethi omdala, nezintaba zazivutha, nezinqola zomlilo.

Futhi waphuma emzini, waya ngqo enduneni enkulu, futhi wayishaya ngobumpumputhe, nayo yonke impi ngobumpumputhe. IBhayibheli lathi, “Babephuphuthekile.”

Wayesethi-ke, “Nifuna bani na? U-Elisha na?”

Bathi, “Yebo, mnumzane. Sifuna yena.”

⁹⁷ Wathi, “Wozani, futhi ngizonikhombisa ukuthi ukuphi.” Futhi, kwakungu-Elisha ekhuluma nabo. Lobo ngubumpumputhe obubi. Wathi, “Wozani lapha, ngizonikhombisa ukuthi ukuphi. Wozani ningilandele.” No-Elisha wahola yonke impi yamaSiriya, ibuka yonke imithi, ibuka wonke umuntu, ibuka u-Elisha, nokho iphuphuthekile.

Malibongwe iGama leNkosi. Nkulunkulu, vula amehlo ethu.

Uphuphuthekile, futhi kawazi.

⁹⁸ Futhi wehla ngqo wangena e...phakathi...kwabakwa-Israyeli, lapho babeqamekele khona. Futhi khona-ke waphendukela kubo, namehlo abo avuleka, futhi babona ukuthi kwakungu-Elisha. Bephuphuthekile, nebuka yonke into, bebona 20/20, futhi nokho, abaqondanga ukuthi lowo kwakungu-Elisha.

⁹⁹ UJesu akazange yini abe nababili babafundi baKhe bephuphutheke usuku lonke, waze Wangena ngaphakathi futhi wenza isimangaliso njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe na? Namehlo abo avuleka.

¹⁰⁰ O, uma uNkulunkulu kuphela ubengangena emehlweni ethu futhi asivumele sibone uBukhona baKhe nenkazimulo yaKhe nokubonakaliswa koMoya waKhe, kodwa siphuphuthekile. Akungabazeki ukuthi abantu, uma amehlo ethu abengavuleka kulombuthano khona lapha kulobubusuku: uKristu ulapha, Wethembisa ukuthi Uyoba “lapho ababili noma abathathu bebuthene khona ndawonye.”

¹⁰¹ Futhi manje, qaphelani: ophuphuthekile, lowomnyango omncane emehlweni akho. Kodwa niyazi, iBhayibheli lathi, kulelibandla, Wathi, “Ngoba uthi, ‘Ngicebile, futhi nginempahla eningi...’” (Ngabe leso yisimo sebandla namhlanje na? Lincebe ukwedlula konke okwake kwaba yikho.) “‘Nginempahla eningi, kangisweli lutho.’” Sinabelusi abedlula bonke, sinezifundiswa ezedlula zonke, sinemfundo edlula yonke esake saba nayo, sinezakhiwo ezedlula zonke esake saba nazo, sinosiyazi bezenkolo abedlula bonke esake saba nabo: nesiningi isono esake saba naso. Wathi, “Ngokuba nithi, nicebile, ninempahla eningi; kanti kanazi” (Lalelani, ngicaphuna umBhalo, amavesi amathathu ngemuva lapho engifunde khona indikimba.) “ukuthi ungolusizi, owokuhawukelwa, ompofu, ophuphuthekile, nohamba-ze; kanti kawazi.”

UMoya oNgcwele wathi leso kuyoba yisimo salelibandla ngalolusuku. Uzohamba kanjani ngakukho na?

102 “Uhamba-ze, ungowokuhawukelwa, ompofu; lapho uthi, ‘Ngicebile.’” Ompofu: o bakithi, ibandla lishodelwa izinhlayiya ezibomvu zegazi; lingelimpofu kunalo lonke eselake laba yikho. Owokuhawukelwa: ligqoke izindwangu zokuzazisa, zehlelo elithize. “Ompofu, owokuhawukelwa, olusizi, ohamba-ze, nophuphuthekile,” (Manje, bhekisisani isicaphuno esilandelayo.) “kanti kawazi.” Ngifunda lokhu emBhalweni, usho ukuthi lonyaka webandla, ngalolusuku, uyoba kulesosimo: “Uphuphuthekile, kanti kawazi.”

103 Manje, uma indoda yayisesitaladini, indoda empofu, futhi yayihamba-ze, ibanda, eyokuhawukelwa, ilusizi, iphuphuthekile; ukuba ibikwazi, ibiyozisiza. Kodwa, ukhuluma ngodaba oludabukisayo: lapho indoda ikulesosimo, futhi ingakwazi, futhi ingeke ilwemukele usizo. Ukuba-ke bekukhona indoda enjalo iza yehla ngesitaladi na? Nephoyisa ledolobha liyophuma. Abanye babo bebeyobiza amaphoyisa. Abeyothi, “Mnumzane, wena—wena—wena—wena...sizofanele sikungenise.”

“Susa ibhantshi lakho kimi.”

104 “Awu, si—sizokungenisa. A—asizukukulimaza, sizama ukukusiza. Siyizikhulu zedolobha. Sinomnikelo lapha, singakunakekela futhi sikupe ukudla; futhi ubukeka uzacile kakhulu, no—nomzimba wakho usobala, futhi—futhi usesimweni esinjalo.”

“Ngiyazi lapho engimi khona. Suka kimi!” Ubungeke umenzele okuningi kakhulu umfo onjalo, ubungakwenza na?

Futhi yileyondlela ibandla eliyiyo, ISHO KANJE INKOSI: uhamba-ze!

105 Kodwa lithini ibandla na? Ibandla lathi, “Ngicebile, nginempahla eningi, angisweli lutho.” Nanso impendulo yebandla. Niyabubona lobobuhlanya, ngokukhuluma ngokomoya, bebandla na?

106 Belyoba yini iphoyisa, bekungaba yini i...? Indoda iphuma igijima, kungekho ngisho isikhulu, indoda yendlu, ithi, “Ngena, mnumzane, ngizokungenisa ekhaya lami, uzoba ngumfowethu. Ngi—ngizokunika okudliwayo, ngizokunika izingubo zokugqoka.”

Uthi, “Suka kimi!” Uzomenzani umuntu onjalo na?

107 Awu, uzokwenzani umuntu oshumayela iVangeli eligcwele ngendlela elilotshwe ngayo eBhayibhelini, futhi abantu bangeke bakwemukele na? Kodwa ufanele ukushumayele noma kanjani. UNkulunkulu wathi, “Kwenze.”

108 “Kanti kawazi; uphuphuthekile, kanti kawazi.” Lowo ngumcabango olusizi: ubumpumpu the bokomoya. Ngingaqoka

ukuba nendoda ohlangothini ngalunye lwami, ingihola, iphuphuthেকে ngokomzimba, kunokuba ibe yimpumputhe yokomoya.

¹⁰⁹ Manje, ngenkathi sikhuliswa ezansi ezintabeni eKentucky, lapho engazalelwa khona, sasinencane, amaplangwe agaxwayo amadala; noMama wayevame ukusithatha ebusuku, futhi (thina bantwanyana abancane), futhi sasilala phezu kotshani obomile obunombhede wezimpaphe ngaphezulu phezu kwawo. Futhi babengenazo izingubo ezimabhadubhadu zokwemboza umbhede, futhi nje babeka uphisi kaseyili ngaphezulu, ukuze iqhwa elaliwa ubusuku bonke lingangeni ebusweni bethu obuncane. Cishe sasingabahlanu boBranham abancane ngalesosikhathi, futhi babesinqwabelanisa sonke embhedeni, abanye onyaweni abanye ekhanda; sasinowodwa kuphela.

¹¹⁰ Nomoya obandayo ohelezayo ungena ngemifantu yendlu ubuyofaka “amakhaza” emehlweni ethu. Futhi ekuseni ngenkathi uMama eza ezosilanda, ngezinye izikhathi wayedingeka asiqukule futhi ku... sinakho, lokho esasikubiza eningizimu, “ubhici” emehlweni ethu. “Ubhici olusabovu,” ngiyacabanga, bekuyoba yigama elikahle, into ethize: “ukubanda.” Futhi bekuyoba ubhici emehlweni ethu ubusuku bonke, futhi lunamathelise amehlo ethu, futhi sasingakwazi ukubona.

¹¹¹ Futhi manje, uMkhulu wayezingela inyamazane efana negqalashu. Futhi lapho ebamba inyamazane efana negqalashu, wayesusa amanoni kuyo, bese ekhipha ugrisi, bese enza lokho abakubiza ngogrisi wenyamazane efana negqalashu. Kwakuyikhambi elihle lanoma yini kumuntu waseKentucky.

¹¹² Futhi uMama wayevame ukuthatha ugrisi wenyamazane efana negqalashu, lapho amehlo ethu esegcwele ubhici, futhi wayehamba athathe ugrisi wenyamazane efana negqalashu bese ewubeka esitofini esidala, nesitebhisi esidadlana, esikubiza ngokuthi “isitofu sezinkawu,” futhi ashise ugrisi wenyamazane efana negqalashu, futhi eze agcobe amehlo ethu ngalokho kuze kuphume onke la “makhaza” emehlweni ethu. Khona-ke sasingabona.

¹¹³ Mfowethu, ibandla libambeke emsingeni obandayo. Isigejane sosisyazi bezenkolo, hhayi ukubukela phansi abazalwane bami, kodwa ngibophezelekile phambi kukaNkulunkulu. Ngiyabathanda abazalwane bami, ngithanda lonke ibandla, kodwa libanjwe emsingeni phakathi, o, ubumodeni; nesilinganiso sokushisa sokomoya ebandleni sihambe ngamashumi ayisishiyagalolunye ngaphansi kwezinga-qhwa. Ngiyesaba kakhulu ukubona lamakhaza amakhulu amadala abandayo; lapho ungena kuwo, kungikhumbuza ngamakhaza.

114 Niyazi, emakhazeni, bathatha umuntu ofile phakathi lapho bese bemgqumisa ukuqiniseka ukuthi akabuye aphile futhi. Bafaka okuningi kuye, ukufa okuningi kuye, kunoma abenakho kuye.

115 Futhi yileyondlela, ngezinye izikhathi, owenza ngayo: ngena kulamakhaza ezidumbu, futhi bakufukamisa ngolunye uhlobo lwesayense yezenkolo ezokugcina ufile (Kunjalo.); baqiniseke ukuthi awukwazi ukuthi, “Amen”; ukuqiniseka ukuthi awukwazi ukujabulela uMoya kaNkulunkulu. Futhi bakungenisa lapho, futhi bathola ibandla libanjwe yilemimoya ehelezayo yesimodeni yalo lonke izwe, nezinto zezwe, futhi kuvale amehlo enu.

116 Futhi mfowethu, kuzothatha ngaphezu kukagrisi wenyamazane efana negqalashu ukuwavula, futhi. Kodwa uJesu wathi, “Ngiyakululeka ukuba uthenge kiMi igolide elihle elihlanzwe ngomlilo; futhi uthole umuthi wamehlo.” UmBhalo wathi Wayenomuthi wokugcoba amehlo: “Futhi ugcobe umuthi wamehlo emehlweni akho, futhi uvule amehlo akho, ukuze okwakho . . . ukwazi ukubona.”

117 Yilokho esikudingayo kulobubusuku, ngamanye amafutha kaMoya oNgcwele ukugcoba ingaphakathi lenhliziyo yethu, lapho esibona khona, ukuze sikwazi ukuqonda. UNkulunkulu unawo lapha esimweni seBhayibheli, kodwa kuthatha umlilo omncane ukuwenza uhambe kahle. Njengenjini nje emzileni: Sakha izinjini ezinhle kunazo zonke, izihlalo ezinhle zikanokusho, singenisa wonke umuntu lapho, futhi silungele ukuhamba; futhi uthole ukuthi awunamlilo ebhokisini, injini ngeke igingqike, ayikwazi ngisho nokushaya impempe.

118 Yileyo indaba ngebandla namhlanje. Sidinga eyangempela, invuselelo yePentecostal eyimfashini endala, isikhathi sokuvulwa kwamehlo. Inkathazo: uNkulunkulu uthumela izipho nezinto ezweni lonke, futhi siyehluleka ukukubona.

119 Bathini, lapho bebona u-Oral Roberts kwithelevishini, nabantwana abancane abagulayo, noma, okhubazekile omncane, mhlawumbe, athole ukuphulukiswa emihlanganweni yakhe, noma u A. A. Allen, noma—noma yimuphi wabanye wabazalwane na? Bathini ngalokho na? Bathi, “Kungukufunda umqondo noma i—noma isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, kuphela—kuphela basetsenzwe ngokwengqondo.” Umfundisi wayenesibindi, ngakho konke okwehlukene . . . Ngingaveza izinkulungwane zezitatimende nodokotela, nokunye nokunye, kwabantu ababelele, befa, benomdlavuzo, wayekhuzekile, wayeyimpumpu.

120 Kuthiwani ngoCongressman Upshaw phandle lapha na? Ubelokhu esesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Futhi wama emhlanganweni kaBilly

Graham ezitebhisini zeHlala Mongameli futhi wacula elithi *Ukwencika Ezingalweni ZaPhakade*.

¹²¹ Waphulukiswa nguNkulunkulu emhlanganweni wami ngalobobusuku eCalifornia, isikwele kude naye, cishe, ngenkathi ngimbona futhi ngabiza ukuthi wayengubani, futhi ngamcela ukuba asukume esihlalweni esinamasondo okokuqala wayekade emi ngezinyawo zakhe (wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-mento ubudala) kusukela eneminyaka eyishumi nesikhombisa. Futhi wagijimela emsamo, ethinta izinzwane zakhe.

UCongressman William D. Upshaw: wangenela ukuba ngumongameli ngo '26 futhi wehlulwa ngoba wayesethikithini elomile.

¹²² Futhi ngathi, “Mnumzane, angikwazi ukuthi ungubani, kodwa uwe e...usuka esitakini esidala sotshani obomile futhi washaya ifremu yefolishi. Ubukhubazekile kusukela usengumfanyana.”

Wathi, “Kunjalo.”

Ngathi, “Ngiyakubona ubhobozile...babhoboze izimbobo endlini ukuze umbhede wakho uyo...uhamba kwiphansi, ungqangqazela, bekuyokulimaza umhlane wakho.”

“Kunjalo.”

¹²³ Futhi ngathi, “Uba yindoda enkulu.” Wayengumongameli weSouthern Baptist Convention. Ngase ngithi, “Manje-ke, uba yisikhulumi esikhulu; futhi uvela eHlala Mongameli.”

¹²⁴ UMnu. Baxter wagijimisa imayikhi enwetshiwe emuva lapho ukubona ukuthi kwakungubani. Wagijima wabuyela kimi, wathi, “Lowo ngu...uyazi ukuthi ubani lowo na?” Wathi, “Lowo nguCongressman Upshaw.”

Ngathi, “Angikaze ngizwe ngaye, empilweni yami. Angazi lutho ngezombusazwe.”

Ngakho bathi, noma, wathi, “Uthe, ufuna ukukhuluma nawe ngalemayikhi.”

Wathi, “Mfana wami, waze kanjani ukuthi ngangikulesosimo na?”

Ngathi, “Mnumzane, ngingasho kuphela engikubukayo.”

¹²⁵ Futhi cishe ngaleyonkathi, ngabuka ngapha: Ngibone udokotela efake izibuko zegobolondo lofudu, elinye lalawo mabhantshi kadokotela, ehlinza intombazane encane yekhaladi, futhi kwayikhubaza. Ngathi, “Ngibona indoda imi phambi kwami, ifake izibuko zegobolondo lofudu. Ingudokotela. Ihlinze intombazane encane eyikhaladi, cishe eneminyaka emine ubudala, futhi kwayikhubaza.”

¹²⁶ Futhi cishe ngalesosikhathi, cishe ibanga eliphindwe kathathu lalendlu, u-Anti Jemima omdala ojwayelekile,

nalezo ezinkulu, ezimnyama, izihlathi ezikhuluphele, wakhala kakhulu; futhi wayenohlaka, nangu eza. “Leyo bekuyingane yami,” washo. Wawungeke umqhelise. Abangenisi abayishumi nesithupha abakwazanga ukummisa; wayebashaya nje kwesokudla nesokunxele, lezo ezinkulu, izingalo ezikhuluphele zihamba.

Ngase ngithi, “Manje, yima, nenekazi.” Ngathi, “Unalo ikhadi lomkhuleko na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane. Anginalo ikhadi lomkhuleko,” wathi, “Ngisanda kungena lapha, kodwa lowo ngudokotela-ndoda owahlinsa ingane yami, eminyakeni emibili edlule.”

Ngabuka phansi enganeni. Ofundela emsebenzini, noma, indoda ene ambulense yayilapho. Ngathi, “Yileyo ngane.”

Wathi, “Ngabe ingane yami izosinda na?”

¹²⁷ Ngathi, “Anti, angazi. Into kuphela engingayenza, ngukusho lokho engikubonayo.” Wathi. . . Ngathi, “Ngiyakhuleka nje, Nkulunkulu, ngandlela thize. Ukukholwa kwakho kuMthintile, angikaze ngikubone.”

NoCongressman omdala wathi, “Mnumzane, ngizosinda na?”

Ngathi, “Ngeke ngakutshela, mnumzane. Angazi. Ngingasho kuphela engikubonayo. Uma uNkulunkulu esondele kangako kuwe, impela, Unenhloso yakho.”

Ngathi kumfowethu, “Letha isiguli esilandelayo.” Futhi kwakukhona owesifazane okhuphukayo.

¹²⁸ Futhi lapho ngenza, ngabuka, futhi kwakukhona lentombazanyana yekhaladi, yehla ngesitaladi noma umhubhe, inonodoli omncane ezingalweni zayo, iyendzelisa unodoli. Mfowethu, kwakungekho mademoni enele aphuma esihogweni, ayengawumisa ngaleyonkathi. UNkulunkulu wayesesho njalo. Ngathi, “Anti, iNkosi uNkulunkulu iwuzwile umkhuleko wakho, nengane yakho encane iphulukisiwe.” Wayeguqe ngamadolo akhe, ekhala nje, futhi eheha ukunaka. Futhi ngathi, “Intombazane yakho encane iphulukisiwe.”

Wathi, “O, mfundisi, uzo. . .?” *Uparson* ngu “mfundisi” ezansi eningizimu. Niyabo? Futhi wathi, “Ngabe—ngabe ingane yami izophila na?”

Ngathi, “Iphulukisiwe khona manje.”

¹²⁹ Ciske ngalesosikhathi, intombazanyana yasukuma, yathi, “Buka lapha, Mama!” Futhi yagxuma yama ngezinyawo zayo. Nabesifazane bequleka ngapha nangapha *kanjalo*; futhi sabenza bathula bonke. Nonina wayebambe intombazanyana ngesandla, wayesehamba ehla ngesikhala sezihlalo eside ezansi edabula kuleyondawo ende, *kanjalo*. No—umngcwabi wathatha uhlela lwakhe wayesebuyela emuva ngenye indlela.

¹³⁰ Ngaqala ukuphendukela e—entombazaneni encane, noma, enenekazini, elalimi lapho, ngabuka: kunqamula emsamo phambi kwami, futhi nakho kuhamba lelokhehla ligqoke isudu enemishwe, ensundu sabomvama, isudu enemishwe, nesigqoko esincane, njengoba nibona ibekwe lapho. Nguye onginika wona. Futhi lalinqamula lokhu...linqamula emsamo njengesithunzi, lishaya isigqoko salo kuwo wonke umuntu, leyondlela yaseningizimu yokukwenza, *kanjalo*, lapho likhotheme.

¹³¹ Ngathi, “Congressman.” Wayegqoke isudu eluhlaza okwesibhakabhaka nothayi obomvu; njengoba nina bosopolitiki nazi, leyo kwakuyindlela yakhe yokugqoka. Futhi ngathi, “Kubukeka sengathi uNkulunkulu ubeyokuphulukisa emuva lapho ngenkathi useneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, lapho amathambo akho ayephelele, ayenenqwaba yekhalisiyamu. Kodwa, linda, lapha, uze ube namashumi ayisishiyagalombili-nane, ngaphambi kokuba Akuphulukise na?”

Wathi, “Ndodana yami, uqonde ukuthi uNkulunkulu uzongiphulukisa na?”

Ngathi, “Mnumzane, unayo i—isudu ensundu, ensundu ngokumnyama, enomugqa okhanyayo kuyo na?”

Wathi, “Ngithenge eyodwa nje izolo.”

Ngathi, “Ugqoka isigqoko esincane esiyingxenye yentshonalanga, awusigqoki na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane, ngiyasigqoka.”

Ngathi, “EGameni leNkosi uJesus, khuphuka usuka kulesosihlalo esinamasondo, futhi uze lapha.”

Wathi, “Uqonde ukuthi ngingasukuma na?”

Umkakhe wagijima wehlela ezinyaweni zakhe, *kanjalo*, wathi, “O, s’thandwa, uzowa.”

Wathi, “Uma leyondoda ibingangitshela...” Yathi, “UDkt. Roy Davis wakugcoba ebandleni lamaBaptisti, akakwenzanga na?”

Ngathi, “Yebo.”

¹³² Wathi, “Nguye, ongithume lapha.” Wathi, “Uma uNkulunkulu ekwazisile ukuthi ngalimala kanjani, ya, ngingaphuma kulesisihlalo.” Futhi washo waphuma lapho, futhi wagijimela emsamo, futhi wathinta izinzwane zakhe, futhi nje eshesha njengomfana oneminyaka eyishumi nesithupha ubudala.

UCongressman Upshaw, emhlanganweni kaBilly Graham eWashington, DC, wama ezitebhisini futhi wacula elithi *Ukwencika ENgalweni YaPhakade*.

133 Futhi ini na? “Uphuphuthekile.” O, leyonto elusizi. “Uphuphuthekile.” Lokho kwakufanele kuzamazamise izwe. Kuyini na? Ba “phuphuthekile futhi abakwazi,” abazazisayo, “nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.” IBhayibheli lathi kuyoba sezinsukwini zokugcina: “Uphuphuthekile.”

134 O Nkulunkulu, kulobubusuku, ngikhuleka kuWe, Nkosi, lethu umuthi wamehlo; vula amehlo abantu, ukuze babone ukuthi uJesu usaphila futhi uyabusa, futhi usezindaweni zonke, ulapha.

Nina bantu nibone okuningi kakhulu, kuye ekutheni sekujwayelekile kini: yileyo inkathazo.

135 Ngesinye isikhathi, indoda esikhulile yathi, “Ngikhulwa ukuthi ngizokwehlela olwandle ukuyobona ubuhle. Angikaze ngilubone ulwandle.” Futhi yathi, “Ngifuna ukuhogela umoya walo, lowomoya ohelezayo anosawoti. Ngifuna ukuzwa izinyoni zasogwini lolwandle, njengoba zikhala ezibhakabhakeni, futhi ngibone amagagasi amakhulu anosawoti, lapho ligxuma likhombisa izibhakabhaka eziluhlaza zibuyela emanzini anosawoti.”

136 Futhi endleleni yayo yehla, yahlangana netilosu liza, netilosu lathi kulo (babiza itilosu ngo “sawoti omdala”), futhi lathi, “Uyaphi, ndoda yami elungileyo na?”

137 Yathi, “O, mnumzane onomusa, ngiyabona ukuthi ungumuntu ovela olwandle,” yathi, “Ngehlela olwandle. Ngilangazelela ukuphefumulelwa ngobuhle balo. Ngilangazelela ukubona amagagasi alo amakhulu amhlophe eshaya ngamandla; angikaze ngiwabone, ngibone izithombe kuphela. Ngilangazelela ukuhogela umoya ohelezayo kasawoti. Ngilangazelela ukuzwa ukubhonga ngasogwini lolwandle.”

138 Netilosu lathi, “Angiboni lutho oluxhuxhumisayo ngakho. Ngazalelwa olwandle.” Niyabo, kwase kujwayeleke kakhulu kulo, kwaze kwathi akusekho ukuxhuxhuma okusele kukho.

139 Futhi ngiyesaba ukuthi iMelika ibone izinto eziningi kakhulu, futhi yafulathela, kuze kungabe kusaba khona ukuxhuxhuma kukho. Manje, ngikhuluma manje kini bantu bePentecostal neFull Gospel. Niyibonile iNkosi uNkulunkulu iZibonakalisa, futhi yenza izinto Eyathi Iyozenza, sekuze kwajwayeleka kakhulu, akusekho ukuxhuxhuma kukho.

Nkulunkulu, sinyakazise kulobubusuku.

140 UNkulunkulu muhle kakhulu kinina bantu. Nani bantu abayiFull Gospel, futhi nikhulwa lonke iBhayibheli: UNkulunkulu wenze izimangaliso eziningi kakhulu futhi wanenzela izinto eziningi kakhulu, Ube muhle kakhulu, kodwa anikuqondi. Vukani! Vula amehlo akho! Umile, uyangqongqotha, [UMfowethu Branham unqongqotha phezu

kwepulpiti—Umhl.] ezama ukungena, ukukulawula, ukukwenza ube yilokho ofanele ube yikho, ukususa izwe kuwe, nokunenza izidalwa ezintsha zaKhe. Yingakho Ekunika izinto Akuphe zona.

¹⁴¹ Ezansi le eningizimu, ngesinye isikhathi, kwakukhona indoda endala yenigro. Futhi yayingumfo omdala omuhle, kodwa nje ibengeke iqondiswe noNkulunkulu.

Nomelusi wayo, umngane wami, wayethanda ukuzingela. Ngangivame ukuzingela nomelusi omdala.

¹⁴² Futhi omdala u “Gabe,” sasimbiza kanjalo, igama lakhe kwakunguGabriyeli; kodwa nje wayengeke ayikhonze iNkosi. Futhi wayenonkosikazi olungileyo, futhi wakhulekela uGabe omdala, imini nobusuku. Umelusi wakhuluma naye, washumayela izintshumayelo, nakho konke. Futhi uGabe omdala uvele nje angasondeli esontweni, futhi ehle futhi adlale amadayisi ngeSonto ekuseni, futhi ayodoba, noma okuthize. Ubengeke nje alungisane noNkulunkulu, nokho, wayezisho ukuthi wayeyilunga lebandla lamaBaptisti.

¹⁴³ Ngolunye usuku, yena nomelusi babekade bezingela. Futhi uGabe omdala wayengakwazi ukushaya eceleni kwenqolobane, wavele nje—wavele nje, inyoni yayindiza phezulu ngalendlela, angahle adubule noma ngayiphi indlela, angeke nje ashaye lutho. Ngakho, ngalolosuku bobabili babebe nosuku olukhulu lwasensimini, futhi nje babesindwa yizingwejeje, nonogwaja, nezinyoni ezidla kamnandi, kanjalonjalo. Futhi uGabe omdala wayenomthwalo onjalo, kwakul’khuni ukuba awuthwale, ehamba emva komelusi omdala. Babeza ngendlela endala, indlela yezinyawo ejwayelekile, nelanga lase liyoshona entshonalanga.

Futhi mfowethu, dadewethu, uma kwake kwabakhona isikhathi sokushona kwelanga empucukweni, yiso manje.

¹⁴⁴ Futhi emva kwesikhashana, lapho umelusi enza indlela yakhe ngalendlela ejwayelekile, lendlela ethize, wezwa into imthinta ehloambe. Waqalaza, noGabe omdala, izinyembezi zazehla ezihlathini zakhe ezimnyama. Wathi, “Mfundisi, ekuseni yiSonto.”

Wathi, “Yebo, Gabe, yini indaba na?” Wama, waphenduka.

¹⁴⁵ Wathi, “Ekuseni, mina ulungele ukwehlela ebandleni lakho’. Sengilungele ukubhaphathizwa. Mina ngiya ebhentshini le-altare. Mina ngizozilungisa, phambi kukaNkulunkulu. Mina ngizozitholela isihlalo, futhi lapho ngizobakhona, zonke izinkonzo, uNkulunkulu aze athathe umphefumulo wami awuyise ekhaya.”

¹⁴⁶ Futhi omdala, othembekile, umelusi oyikhaladi wathi, “Gabe, uyazi ukuthi ngi—ngiyajabula ngalokho.” Wathi, “Kade ngi—ngi—ngizama. Nomkakho uzojabula kakhulu, nalo lonke

ibandla lizojabula kakhulu,” wathi, “futhi bonke ohambisana nabo bazojabula, nabo, Gabe.” Kodwa wathi, “Yiyiphi nje intshumayelo engayishumayela, Gabe, noma ngakukhulekela ngasiphi isikhathi, okubangele loluguquko oluzumayo na? Ngingathanda ukwazi ukuthi yini ekubangele.”

¹⁴⁷ Waphenduka wayesebuka emuva ngaselangeni futhi. Wathi, “Melusi, ngiyawuthokozela wonke umkhuleko wonke owukhulekile, na—nazo zonke izintshumayelo ozishumayelile. Kodwa uyazi, kwenzekile nje ngaqonda ukuthi Muhle kanjani kimi.” Wathi, “Melusi, uyazi angikwazanga ukushaya lutho,” wathi, “Ngenza kahle ukuthola izinyoni ezimbili noma ezintathu ngonyaka,” wayesethi, “lapha, ngisindwa izinyamazane nje.” Wathi, “Melusi, uyazi, Ufanele angithande, kungenjalo Ubengeke anginike khona.”

Wathi, “Kunjalo, Gabe.”

¹⁴⁸ Futhi nje ngiyamangala, kulobubusuku, uma thina, njengabantu baseMelika, angazi noma...? Kukhulu ngisho ukuphila. Kodwa aniqondi yini ukuthi Ufanele anithande, kungenjalo Ubengeke aninike lezizimvuselelo na? Aniqondi yini ukuthi Ufanele anithande, kungenjalo Ubengeke athumele iNdodana yaKhe ukuba ibonakalise uBukhona baKhe, ubuYena na? Anazi yini ukuthi Ufanele anithande, kungenjalo Ubengeke anisidise, Ubengeke aniphulukise, Ubengeke anithumelele lemihlangano na?

Umi emnyango futhi angqongqothe, nsuku zonke, ngazo zonke izinhlobo zezinto ezinhle, futhi njalo njalo siyaMxosha.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁴⁹ ...Ukuthi ungununtu onenhlanhla ukuphila kulolusuku na? Amadoda amakhulu, uSankey, uMoody, uKnox, uCalvin, uFinney, bonke ubelangazelele ukubona lolusuku, ukuthi, lapho uJesu eyofika futhi enze imisebenzi Ayenza, kanye. Abaprofethi namadoda amakhulu bebelubhekile lolusuku, futhi nalubheka, kodwa ubanjwe amakhaza okomoya, namehlo akho ebevaliwe.

¹⁵⁰ Umuntu onjalo ulapha, ubungasiphakamisa isandla sakho, okokugcina kwalemvuselelo manje na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...thatha ifa eligcwele lempilo yami. Ungasiphakamisa isandla sakho, lunga lebandla, noma ngabe ungubani na? UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, nxazonke. “NgizoKungenisa, Nkosi. Ngiyethembisa ukuthi Ungaba yiNkosi yami. Ungayibusa impilo yami. Ungaba nabo bonke ubuwula bempilo yami, bukhiphe, Nkosi, ngena nje, ngifuna Wena ube lapha enhliziyweni yami. Ngifuna Ungilawule, ulawule imizwa yami, ulawule imikhuba yami, ulawule ukuziqhenya kwami: ‘O, ngicabanga ukuthi ngingumuntu othize,’ Nkosi. ‘Ngingaphuma lapha esitaladini futhi ngitshikize ngehla ngenyuka ngesitaladi.’ Kususe, Nkosi.”

¹⁵¹ Phakamisela nje isandla sakho kuYe, manje, nisakhothamise ikhanda lenu. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Lokho kuhle. Ngithanda ukubona labobafo abasebancane beqala, ntombazane esencane. Phezulu kuvulandi osesitezi na? E-hhe. UNkulunkulu akubusise. Uvulande osesitezi ongemuva? Mphakamisele isandla sakho nje; uma ukuhlose ngempela, uNkulunkulu uzosithatha. Kusobala, uma uphuphuthekile, kuyadabukisa nje. Kubi kakhulu. Uvulande osesitezi ngakwesokudla? UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Nsizwa, ungahle ukuba wenze izinto eziningi ezinkulu, kodwa leyo yinto enkulu kunazo zonke owake wayenza. Isibalo esikhulu sezandla besiphakamile. Ngabe bakhona abanye nje ngaphambi kokuba sikhuleke na? Ngifuna ukunikhulekela. Uthi, “Mfowethu...” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁵² ...umzuzwana uzonquma ukuthi kuzokwenzekani. Ngikhulume ngaWe, ngokuba lena yiminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili, kusukela ngisengumfana, ngisho ukuthi Unguye izolo, namuhla naphakade, ukuthi Awuguquki. IBhayibheli lithi Uhlala ufana, ukuthi Awufile, ithuna alikwazanga ukuKubamba. Wavuka ngosuku lwesithathu, ekuseni ngePhasika lokuqala, Uzifakazela ukuthi Uyaphila phambi kwabantu, futhi wabathuma ukuba baye ezweni lonke, futhi Uyoba nabo kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi Wena wathi, “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza.” Futhi Wena wathi, “Angenzi lutho ngokwaMi, Ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala: khona-ke Ngenza lokho uBaba aNgibonisa ukuba ngikwenze.” Futhi sizoKulandela ngemiBhalo, futhi sibone lokho, sonke isehlakalo, kwakuyilokho uBaba aKubonisa ukuba ukwenze.

¹⁵³ Abantu bathinta ingubo yaKho, nangamandla kaNkulunkulu, Wabaphendula futhi wabatshela ukuthi yini eyayingalungile, nesimo sabo. SiyaKubonga, Nkosi. Wethembisa ukuqhubeka; ukuthi WawungumVini, futhi thina siyoba ngamagatsha. Nkosi, umvini awutheli isithelo, yigatsha. Ngakho hamba wedlule kithi, kulobubusuku, Nkosi, sonke. Ngियाqonda uma Ubungagcoba umuntu oyedwa phakathi lapha, futhi hhayi bonke abanye, bekuyokwenza okuhle okuncane. Nkosi, sigcobe sonke—sonke, vula amehlo ethu, Nkosi, ukuthi singabona ukuthi Uvukile kwabafuleyo, futhi lapha esimweni sikaMoya oNgcwele, hhayi omunye umuntu, kodwa uMuntu ofanayo: Nkulunkulu, esimweni sikaMoya oNgcwele, obizwa ngo “Nkulunkulu, uMoya oNgcwele.”

¹⁵⁴ O Baba, yipha ukuthi lokhu kube njalo. Wafika futhi wahlala emzimbeni womuntu kanye, iNdodana yaKho, omsulwa, umzimba ozelwe yintombi, ukuze Ukwazi, ngaleloGazi eliNgcwele, wephule amangqamuzana, futhi uwanikele kumkhonzi manje, ukufinyelela kuWe. Futhi ngalelongqamuzana eliphukile legazi, sihlanziwe ekungcoleni

kwethu, futhi wenze isitsha esizosetshenziswa yiNkosi. “Ngomusa sisindisiwe.”

¹⁵⁵ Futhi manje, Baba, siyakhuleka manje ukuthi Uzobuka phansi phezu kwethu, futhi usithethelele, futhi uvule amehlo ethu ukuze sibone uMuntu waKho ovukileyo; ukuze sisuke lapha, kulobubusuku, sazi lokhu: ukuthi onke amatshe angaphendulwa, sikwenzile, ukubona imvuselelo eyimfashini endala kulezi zifundazwe zaseNew England phakathi kwalababantu baKho abamangalisayo.

EGameni likaJesu, nginikela lenkonzo kini. Amen.

Manje siqala kulobubusuku; futhi ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba nje, akunandaba ukuthi isimo sakho siyini, ukuthi yiziphi izinkathazo onazo, kholwa nje, khuleka, kholwa.

Imibono ayikuphulukisi. Ungeke waphulukiswa ngombono.

¹⁵⁶ Kuqala, ngifuna ukunibuza okuthize: Bangaki owaziyo, kuleli—kuleliqembu labantu, ukuthi uKristu akaphulukisanga muntu kwaze kwaba nguBaba, uNkulunkulu, waMkhombisa umbono wokuthi akenzeni na? Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo uyakusho lokho na? Kusondele emaphesentini ayikhulu.

¹⁵⁷ Manje-ke, ngenkathi Esemhlabeni, ukuthi Wazimemezela kanjani Yena uqobo ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu (esizweni samaJuda, ningakukhohlwa neze lokho), Wakwenza kanjani ukuZimemezela ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu esizweni samaJuda na? Umuntu weza kuYe masinyane emva kokuba Esegcotshwe ngoMoya oNgewele (uJohane oNgewele, isahluko 1), futhi wayengumdobi, engazi futhi engafundile, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. Futhi kwathi nje umfowabo angamletha eBukhloneni beNkosi uJesu, uJesu wathi kuye, “Igama lakho unguSimoni negama likayihlo nguJonase: kusukela manje uyakubizwa ngoSimoni.” Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Yacabangani leyondoda na? Wayazi kanjani na? Leyo kwakuyindlela yaKhe yokuzimemezela Yena uqobo, ngokuba Wayethe: “Angenzi lutho manje, ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala,” uJohane oNgewele 5:19, “lutho.” Wayengeke aqambe amanga futhi abe nguNkulunkulu, Wayefanele akhulume iqiniso. Ngakho Wathi, “Angenzi lutho, aze uBaba aNgibonise kuqala.”

¹⁵⁸ Manje-ke sibona enye indoda yaphenduka ngosuku olulandelayo, futhi yahamba yazungeza intaba, amamayela ayishumi nanhlanu, futhi yathola ilunga lebandla lokuqina ngempela phansi kwesihlahla, likhuleka, indoda elungileyo. Futhi yalibuyisa, yathi, “Woza ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Yathi, “Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?” Niyabo, ngoba kwakungahlangene nebandla layo, ibingeke ikukholwe.

Yathi, “Woza ubone.” Leyo yindlela engcono kunazo zonke. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza nje, uzibonele; kuhlole ngomBhalo.

¹⁵⁹ Futhi ngakho, ngenkathi efika, futhi ngalapho, akungabazeki ukuthi uFiliphu wayeyitshelile lokho uJesu ayekwenzile kulowomdobi omdala owayengakwazi ngisho nokusayina ithikithi lenhlanzi yakhe. Futhi ngenkathi efika phambi kukaJesu, okokuqala uJesu ukuba abone indoda, Wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

¹⁶⁰ Manje, hhayi ngengubo yakhe, bonke babegqoka ngokufanayo. Kanjani u—umIsrayeli, lokho kwakusho ukuthi wayeyi, singathi, i “kholwa.” Futhi akukho nkohliso, e “msulwa, eqotho, engewe” indoda.

“Bheka, umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Rabi, Uze wangazi nini na?”

¹⁶¹ Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, Ngakubona uphansi komuthi.” Ngabe kunjalo na? Wambona kanjani, eqhele ngamamayela ayishumi nanhlanu, ngayizolo, phansi kwesihlahla na? Amehlo anje pho! UBaba wayeMbonisile.

Wayesethi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli.”

UJesu wathi, “Ngoba Ngikutshelile lokho, ukholiwe, khona-ke uzobona okukhulu kunalokhu.”

Kodwa kwakukhona labo ababemi eduze, bathi, “Lowomuntu nje unomoya kadeveli, ufunda izingqondo zabo, ungumbhuli.”

¹⁶² UJesu wathi, “Ngizonithethelela ngalokho: kodwa” (ngamazwi amaningi kakhulu) “ngolunye usuku uMoya oNgwele uzofika kubantu beZizwe, futhi Uyokwenza into efanayo eNgiyenzayo, nezwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe, noma izwe elizayo.” Waqhubeka wahamba. Lelo kwakuyiJuda.

¹⁶³ Manje khumbulani, Akazange akwenze lokho phambi kwanoma yimuphi oweZizwe, kulolonke iBhayibheli. Yileyondlela Azimemezela ngayo Yena uqobo ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Niyabo, Wayengakaze asebenzane nabeZizwe ngaphambili. Ngakho, Wahamba, ngolunye usuku, ngakumaSamariya, nowesifazane osemusha omuhle uphumela emthonjeni, ukuyothola okokuphuza. Wonke umuntu wayesehambile emthonjeni ngaphandle kukaJesu. Futhi ngakho, ngenkathi owesifazane efika lapho, waMbona, futhi waqala ukwehlisa imbiza ukuba akhe amanzi.

Futhi wathi, “Ngiphuzise, sifazane.”

Wathi, “Ngani, sinokwehlukana lapha. Akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo; ngingowesifazane waseSamariya.”

Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi.”

¹⁶⁴ Baqhubeka bekhuluma ngokuthi bafanele bakhonze kuphi, uJesu waze wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Ngabe ukhona owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayiyini na? Wayeseshade kahlanu, kasithupha. Ngakho, uJesu wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo: ubunayisihlanu; nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

¹⁶⁵ Manje, wathini na? Ngabe wathi, “Ungumoya omubi owenza lokho”? Waphenduka, wayesethi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.” Wayengubani “lowomprofethi na”? UMose wathi, “INKosi uNkulunkulu wenu iyovusa umprofethi.” Niyabo? Wathi, “Ngokuba, Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Thina (thina maSamariya), siyazi lapho uMesiya efika, othiwa uKristu, nxa Efika, Uzositshele lezizinto. Kodwa, UnguBani na?”

¹⁶⁶ Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.” Wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

¹⁶⁷ Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngaleyonkathi, kumJuda nomSamariya: Abantu bakaHamu, uShemi noJafete nguye kuphela osele, iJuda, oweZizwe, nomSamariya.

¹⁶⁸ Futhi manje, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yebandla: UNkulunkulu ubize uMlobokazi wabeZizwe, kwehle njalo ngoFinney, noSankey, kanjalonjalo, unyaka. Manje sisekupheleni konyaka wabeZizwe, ekupheleni kwesikhathi, njengoba ngikhulume ngakho izolo ebusuku: noma ngasiphi isikhathi, into ethize ingenzeka.

¹⁶⁹ Umhlaba unokwethuka: nizwa inkulumo kamongameli izolo, futhi, awu, asazi nje ukuthi kuzokwenzekani; bekungenzeka ngaphambi kokusa. Amasputniki ezibhakabhakeni, noJesu wathi kuyobakhona: nakho konke, umhlaba wonke uqhaqhazela, amadoda efa ngokuhluleka kwenhliziyo, ukudideka kwezikhathi, nokucindezeleka phakathi kwezizwe.

¹⁷⁰ Futhi ngalolosuku, Wethembisa ukubuya, futhi enze njengoba Enza ngaleyonkathi: “Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina: ngokuba Ngiyakuba nani. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.”

Manje, Akakwazi ukuzimemezela Yena uqobo kumaJuda nakumaSamariya ngaleyondlela, futhi ashiye abeZizwe ngaphandle. Ngakho *lolu* wusuku.

¹⁷¹ Manje, kinina phandle lapho, ngaphambi nje kokuba siqale ukukhuleka: Kwakukhona owesifazane, ngesinye isikhathi, Ayengenawo umbono ngaye, waze wafika futhi wathinta ingubo yaKhe. Wayenomopho. Waphuma egijima ezethamelini, ngoba wathi enhliziyweni yakhe, “Ngiyakholwa ukuthi leyoNdoda iyiNdoda eNgcwele; futhi uma ngingaYithinta, ngizophulukiswa.” Odokotela babehlulekile iminyaka eminingi, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, cishe. Ngakho wagijimela ezethamelini emva kokuthinta.

UJesu wama, wayesethi, “Ubani oNgithintile na?”

NoPetru wathi, “Awu, bonke uyaKuthinta.”

¹⁷² Wathi, “Kodwa Ngibe buthakathaka; kuphumile amandla kiMi.” Futhi Waqalaza phezu kwezethameli, waze Wathola owesifazane omncane. Futhi Wamtshele inkathazo yakhe, nokuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Niyazi ukuthi lelo yiBhayibheli na?

¹⁷³ Ngabe iBhayibheli liyasho yini ukuthi “Nguyena izolo, namuhla, naphakade”? Ngabe umBhalo uyasho yini ukuthi “UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu”? Uma EngumPristi oMkhulu, futhi engathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu, nomPristi oMkhulu ofanayo, uJesu ofanayo, Ubengeke enze ngendlela efanayo na?

¹⁷⁴ Ngakho khulekani. Nina eningenawo amakhadi, ongeke ube semsamo, noma onamakhadi, noma ngabe ukuphi, khulekani nje, futhi nibuke ngapha. Futhi wena yithi, “Nkosi Jesu, ngiyagula. Ngeke ngibe phezulu lapho emsamo.” Futhi, “Qinisekisa iZwi laKho kimi kulobubusuku. Thinta umzimba wami. Futhi ngazise, ngenkathi sazi ukuthi uMoya ulapha, noMoya waKho ungitshela ukuba ngiKukholwe, noMoya waKho ukuMfowethu Branham: makaphenduke, futhi athi kimi, njengoba Wenza owesifazane emthonjeni, ngizoKukholwa; njengoba Wenza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe, ngizoKukholwa.” Bonani uma EngumPristi oMkhulu.

¹⁷⁵ Manje, ngiyacela, ningayaluzi, okwemizuzu embalwa elandelayo. Lokhu kuzosho ukuthi uNkulunkulu uyaphila yini. Uma lokhu kungesilo iqiniso, khona-ke iZwi laKhe alisilo iqiniso; uma lokhu kuyiqiniso, lonke iZwi liqinisile.

¹⁷⁶ Sawubona, mnumzane? Manje, ngokushesha, lendoda lapha, angikaze ngiyibone, angiyazi. Futhi uma—uma lokho kunjalo, ukuthi siyizihambi komunye nomunye, phakamisa isandla sakho, angikwazi, angikaze ngikubone, lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. Bese kuthi-ke, kuyoba njengeNkosi yethu nje, Eyathola uFiliphu, owafika futhi wathola uNathanayeli, futhi wamletha kuYo. Manje, uma ngithi, “Uyagula,” ngibeke izandla phezu kwakho, “hamba, usinde”; ubungakungabaza lokho. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu

izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, noma enze into ethize njengoba Enza eBhayibhelini; khona-ke, U—Ulapha. Niyabo? Bekungeke kube yimi, ngoba angikwazi.

¹⁷⁷ Angazi-muntu kulendlu, ngaphandle kukaMfowethu Lloyd Sweet; uDkt. Vayle; uBilly ubelapha, umfana wami, ngiqagele akasekho; kodwa, lamadoda amabili emi lapha; lomculi, ohlezi khona lapha, angilazi igama lakhe, kodwa ubenathi emkhankasweni wangaphambili. Ngokwazi kwami yilokho-ke, wonke umuntu engimaziyo esakhiweni. Kodwa uNkulunkulu usazi sonke.

¹⁷⁸ Uma iNkosi uNkulunkulu izokwenza lokhu, kuzofanele kube yisimangaliso, ngoba ayikho indlela ezweni engi—ngingakwazi ngayo. Nasi isandla sami, iBhayibheli lami; angikholelwa ekufungeni, kodwa angikaze ngiyibone leyondoda empilweni yami, okokuqala ukuba size sibonane, ngokwazi kwami kwanoma yini. Futhi *lokhu*, mayelana neqiniso lokwazi nina nonke, yiba ngufakazi walokho: Angikwazi. Kodwa uNkulunkulu, Okwaziyo, uma Ezokwembula kimi into ethize owaziyo ukuthi angiyazi uma bekuyoba khona noma yini ngawe, khona-ke ubuyoba nelungelo lokukholwa, ubungeke na? Bangaki ezethamelini abebeyokwemukela na? [Umfowethu uthi, “Nakhu-ke.”—Umhl.] (Ngiyabonga.)

Manje, Baba, kukuWe. Lena yinkonzo yaKho. Ngilindele Wena. Amen.

Uthi, “Ulindeleni na?”

¹⁷⁹ Nisibonile isithombe saleNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Ngenkathi Ilapha emhlabeni, ngenkathi Isesihlahleni esivuthayo, YayinguKristu. Bonke abafundisi beBhayibheli bayakwazi lokho. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Ngangino . . . engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA.” U NGINGUYE wayesesihlahleni esivuthayo. Wathi, “Ngavela kuNkulunkulu, Nguya kuNkulunkulu.” Ungena evela eNsikeni yoMlilo, wenziwa inyama, futhi wakha phakathi kwethu, esimweni seNdodana kaNkulunkulu, uKristu, wafa, wembelwa, wavuka futhi; neNsika yoMlilo efanayo yabuya, phansi kweGama likaJesu, uMoya oNgcwele. Esendleleni ebheke ezansi eDamaseku, uPawulu washaywa walahlwa phansi, ukuKhanya kukhanya ebusweni bakhe.

Wathi, “Sawulu, ungizingelelani, Mina na?”

Wathi, “Ungubani Wena, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.”

¹⁸⁰ Lowo ngumBhalo na? Awu manje-ke, uma lona kunguMoya oNgcwele ofanayo owawukhona ngalolosuku, uJesu ofanayo, uMvini ofanayo ubungeke uthele isithelo esifanayo, uma kunguMvini ofanayo na? “Ngizoba nani, ngibe kini.”

Manje, Nkulunkulu, vula amehlo ethu, ukuze sikwazi ukubona.

¹⁸¹ Manje, uma besalizwa iphimbo lami, phakathi kwami nendoda kufika lokho kuKhanya. Manje, ngiyayibona indoda. Efuna ngikukhulekele, ikakhulukazi, ngukuzwa, izindlebe zayo, azisezwa. Lelo yiqiniso. Niyabo, isengangiphendula. Niyabo? Futhi selokhu kade imi lapho, ubuzwa kangcono ngaso sonke isikhathi. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Niyabo, iseBukhloneni bukaKristu nje, hhayi *mina* manje, *Lokhu*.

Wena uthe, “Ukuqagelile, Mfowethu Branham.” INkosi mayibe nguMahluleli.

¹⁸² Bekufanele kube nento ethize yokubangela lokho: lokho kwabangelwa esimweni esisekhaleni lakho, inkathazo yekhala yakwenza waba yisithulu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uMoya waKhe ulapha manje na? Igama lakho nguMnu. Neelon; buyela ekhaya, usunakho ukuzwa kwakho, uNkulunkulu ukuvuzile.

Asikho isidingo sokumkhulekela, ukukholwa kwakhe kumenze wasinda. Niyabo?

¹⁸³ Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Iminyaka ehlukenene, sazalwa, mhlawumbe siqhelelene ngamamayela, futhi sibonana okokuqala. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Impela si, othandekayo wami, mngane othandekayo, anginandlela yokwenza lezozinto. Ngabe amehlo akho avulekile ukuqonda ukuthi iNkosi uJesu, ofanayo eMoyeni, ulapha na?

¹⁸⁴ Ubaba wami ubeyophila, mhlawumbe ubeyoba nguntanga yakho. O, benginganikela kanjani ngakho konke, ukuba benginezigidi zamadola, ukubona ubabayi wami emi lapho kanjalo, kanye; kodwa usehambile manje waya enkazimulweni. Ngiyakulandela ngolunye usuku. Ngilapha kuphela ukuzama ukusiza.

¹⁸⁵ UngumKristu, mnumzane. UngumKristu. Ubungaba ngumphikinkolo, noma umkhohlisi, kodwa ungumKristu, ngoba umoya wakho uyangena, kulolugcobo lweNgelosi yeNkosi. Futhi uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone.

¹⁸⁶ INkosi uNkulunkulu inhle kakhulu. Angikwazi, angazi lutho ngawe, kodwa khona manje ugcobo lukaMoya oNgcwele lungembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, noma okuthize ngawe.

¹⁸⁷ Nendoda iphethwe yi, futhi, isimo sendlebe, kusendlebeni yayo; bese kuthi-ke, unethumba entanyeni yakho. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha, awusuye owakulesisizwe, uvela empumalanga, ngapha. Uvela eNew Brunswick, eCanada. E-hhe, e-hhe. Igama lakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

ubengangitshela ukuthi ungubani, njengoba Wayemazi uPetru na? Bekuyokusiza na? Kulungile, mnumzane. Igama lakho unguGeorge Robison. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Manje, yiba yi. . . Uphulukisiwe, mnumzane; awuzukudingeka ukuba ube nokuhlinzwa kwakho. UNkulunkulu ukuphulukisile.

¹⁸⁸ Ungeze na? Hlonipha ngokuzithoba ngakho konke. Dadewethu othandekayo, okungukuthi, ungudadewethu, ungumKristu; ngokuba kuthe nje ngingakubuka, nanko uMoya weNkosi.

¹⁸⁹ Futhi lesi yisithombe esihle seBhayibheli, sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane abahlangana okokuqala. Ngowesifazane emthonjeni, uJesu wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, futhi wathi, “Leso yisibonakaliso sikaMesiya.”

¹⁹⁰ Bekungaba okufanayo kuwe na? Bekuyoba njalo. Uphethwe yisimo sokwethuka okwesabekayo, nalesosimo sokwethuka sikunike inkathazo yesisu; unenkathazo yesisu, yisimo egudwini wokudla, okufana nesilonda sangaphakathi, futhi. . . ngoba lapho udla noma uphuza, into ethize, njengekhofi, liyazwela, lingena emlonyeni wakho kanjalonjalo.

¹⁹¹ Bese kuthi-ke unento ethize enhliziyweni yakho oyikhulekelayo. Uyabo, impilo yakho: ubungeke ukufihle manje uma ubudingeka ukwenze; uyabo, useBukhoni bukaKristu, hhayi mina: uKristu. Ukhulekela omunye umuntu; lowomuntu uyisithulu. Kunjalo. Leyo yindodana yakho. Uyakholwa ukuthi izophulukiswa na? Khona-ke hamba futhi ukwemukele. Njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye. Angikaze ngikubone empilweni yami. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela.

¹⁹² Kukhona owesifazane okhulekayo, usekhulile, ndawondawo kulesisakhiwo. Nangu. Uhlezi khona lapha, nesichibi esweni lakhe. Angikwazi, nenekazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uma ngingakwazi, vayizelisa isandla sakho, ukuze abantu babone ukuthi angikwazi. Kodwa ubuhlezi lapho, ukhuleka, “Nkosi, ngithinte kulobubusuku.” Kunjalo. Inkathazo yakho: ubugula kakhulu, kakhulu, unezifo ezelakanyanayo, futhi into enkulu engalungile kuwe yinkathazo yenhliziywo. Usanda kuphuma esibhedlela, nawe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. E-hhe. Ungesabi; ukukholwa kwakho kukuphulukisile. Mkholwe.

¹⁹³ Ngifuna ukubuza omunye umuntu: Buza owesifazane, intatheli, noma ngabe ubani omfisayo; ubone ukuthi ngake ngambona yini. Uthinteni na? Akazange angithinte; uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi, noma amashumi amathathu. Uthinteni yena na? UmPristi oMkhulu: uKristu, Lo Onesithombe saKhe lapha. Futhi ngoMoya, Uyaphendula. Nje ngi. . . Angazi ukuthi owesifazane. . . noma bekuyini indaba

ngaye, bengingeke ngakutshela. Indlela kuphela engike ngazi ngayo yilamateyipu lapha. Kungumbono.

Wakhuluma kowesifazane ohlezi eceleni kwakhe, ngaleyonkathi; nalowo wesifazane uyakhuleka naye.

¹⁹⁴ Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, nenekazi na? Ukhulekela into ethize, nawe. Ohlezi eceleni kwalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Uma ngingakwazi, phakamisa isandla sakho. Uma uzongikholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, lesosifo samathambo sizosuka kuwe. Yilokho obukhuleka ngakho: isifo samathambo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Manje, sekuhambile kuwe. Ukukholwa kwakho kukusindisile. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

¹⁹⁵ Uyinenekazi engizolikhulekela ngokulandelayo na? Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma Ezongitshela ukuthi uze ngani lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, ukholwe ukuthi NguMoya waKhe na? Ngingumuntu nje, ayikho indlela yoku... Okokuqala ukuba size sibonane.

Manje, uxolo. Niyabo, ngifanele nje, nomaphi lapho E... Kunabantu phandle lapho abakholwayo, kul'khuni nje ukubamba ulayini; baningi kakhulu abakholwayo. Niyabo?

¹⁹⁶ Nakhu: uphethwe yinkathazo yemithambo yegazi. Kunjalo. Ngaphandle kwalokho, unamehlo amabi; ukubona kwakho kuyakwehlulekisa. Unokwethuka ngokwedlulele. Futhi kunjalo. Awusuye owalapha nawe; ungowaseCanada. Kunjalo. Nkk. Conklin, uyilowo, buyela ekhaya, ukukholwa kwakho kukuphulukisile.

¹⁹⁷ Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Kunomoya kowesifazane onqamula isakhiwo. Ngeke ngaphulukisa, angisuye umphulukisi, ngiyinceku nje yoMphulukisi. Kodwa kukhona umuntu kulendlu okhulekayo khona manje, ekhuleka ngokumangalisayo, noma iqembu likhulekela umuntu othize ophethwe yinto efanayo ophethwe yiyo. Uyaphuphutheka; ngamehlo akho.

¹⁹⁸ Yintombazane, ehlezi emuva ngqo ngapha ngasemuva: futhi ukhulekela umngane wakho ophuphuthekayo. Angikwazi ukuphulukisa. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Asikhuleke.

¹⁹⁹ Nkosi, lomoya omubi kakhulu, kodwa Nkosi, iso lokomoya malivulwe manje ukubona inkazimulo kaNkulunkulu, futhi kwangathi lelidemoni lobumpumpu the lingasuswa, ngokuba ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

²⁰⁰ Manje, ngibukeni futhi. Kwehlukile manje, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma kwehlukile. Unakho ukubona kwakho. Wethemba ukuthi uzohamba futhi ukuthole ngendlela nje okukholwa ngayo, nabanye, futhi. UNkulunkulu akubusise.

Hloniphani ngokuzithoba ngempela, ngiyacela, hloniphani ngokuzithoba ngempela.

²⁰¹ Angikwazi, mnumzane. Ngiba buthakathaka kabi kabi nokho, niyabo; imibono ingenza ngibe buthakathaka. Uma uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, owesifazane oyedwa waMthinta, Wayesethi, “Ngibe buthakathaka,” kuthiwani ngami, isoni esisindiswe ngomusa na? Bekungeke neze kwenzeke ukuba—ukuba bekungesikho ukuthi Wathi, “Eminingi kunale niyakuyenza.” Angikaze ngikubone, mnumzane. Sobabili singabantu ababoshelwe ePhakadeni. Uma bengingakusiza, bengiyokwenza. Uma uKristu ubelapha nezami. . . nalezizingubo Angipha zona, Ubengeke (uma ugula, angazi ukuthi udinga ukuphulukiswa, ungahle ube ngowomunye umuntu, angazi) kodwa uma Ubelapha egqoke lezizingubo, Ubengeke akuphulukise, uma ugula. Ubengakutshela ukuthi Wakwenza, futhi enze into ethize njengoba Enza, ukukwazisa ukuthi kwakunguYe. Kunjalo. Uphethwe yiqolo lakho. Awusuye owalapha. UngowaseCanada, nawe. Ungumshumayeli, nawe. Qhubeka uye ekhaya, ukukholwa kwakho kukuphulukisile.

²⁰² Khona emuva lapho ekugcineni kohlu, ngenxa yesifo sobuhlungu bamajoyinti, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Uhlezi emuva ngqo lapho, cishe uhlu olubili emuva ekugcineni kohlu, ukhuleka: isifo sobuhlungu bamajoyinti. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakukholwa na? Unezimbali ezincane nxazonke, ngaphezulu kwesigqoko, inenekazi elincane, lihlezi lapho. Uyakholwa futhi uyakwemukela na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho khona-ke. Kulungile, hamba uye ekhaya, uphile. UJesu Kristu uyakusindisa. Nginiphosela inselelo ukuba nikholwe iqiniso.

Kanjani ngawe ezethamelini, ungakholwa na?

²⁰³ Nakhu, khona lapha, ngakulelinenekazi, khona lapho, uphethwe yinkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, inenekazi elincane lifake isigqoko esincane esimhlophe. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Angikwazi, ngiyakwazi na? Kodwa unokuvuza okuphuma kulokho. Ngiyakubona endlini yokugezela. Okuyikho, ubovu esibelethweni sakho, okungaya emdlavuzeni. Kodwa ngeke. Ukukholwa kwakho kukuphulukisile. Hamba uye ekhaya, ususindile. Ukukholwa kwakho kuthinte uNkulunkulu.

²⁰⁴ Uyakholwa na? Uhlezi khona lapha ekugcineni, nenekazi nendoda, umgaxe ngengalo, ngumkakho. Lokho ngukuthi: omunye wenu unokwethuka, nomunye yinkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Phakamisani izandla zenu uma nikwemukela. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya futhi uphile.

205 Kunabaningi phandle lapho abaphethwe yinkathazo yakho, nenekazi. Kodwa isifo sikashukela asilutho kuNkulunkulu ukuba asiphulukise. Uyakholwa ukuthi Angakuphulukisa lokho na? Ngenhliziyo yakho yonke na?

206 Wonke lowo ophethwe yisifo sikashukela, sukumani nime ngezinyawo zenu khona manje, sukumani nime ngezinyawo zenu, wozani, masinyane impela, yonke indawo, ndawo zonke: ngizonikhombisa ukuthi uNkulunkulu angenzani, yimani ngezinyawo zenu nje umzuzu.

Yima khona emuva lapha umzuzwana nje. Thola lona.

Wonke lowo ophethwe ukwethuka, sukumani nime ngezinyawo zenu, umzuzwana nje.

207 Kudonsa kanzima nje ezethamelini, angikwazanga... Bukani lapha, niyabo? Nonke niyakholwa. Kanjani (Niyabo?), bengingakusho kanjani *lokhu*, *nalokho*, *nalokhu*, *nalokho*, futhi nje kukuyo yonke indawo. Niyabo?


Nonke nina enifuna umkhuleko futhi niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, yimani ngezinyawo zenu.

208 Uyakholwa ukuthi uKristu uyaphila na? Uyakholwa ukuthi Usenguye na? Ngabe amehlo akho avulekile manje, ukuba ubone na? Bangaki abathi, “Nkulunkulu amehlo ami avulekile”? Phakamisani izandla zenu *kanje* kuYe. “Ameblo ami avulekile, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu inathi.”

209 Manje, nisakhuleka ngendlela yenu, ngizocela uNkulunkulu ukuba le-...enze konke ukungabaza kusuke endlini. Khonake ngifuna nonke ukuba nisukume nime ngezinyawo zenu futhi niMbonge. Futhi ngizonimemezela ukuthi niphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu, uma nizongithobela.

210 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalababantu.

211 Sathane, o, ngemfundo, nangezinqubo zezwe, uphuphuthekise abantu iminyaka, kodwa uyadalulwa. Asikwemukeli wena. Sisho ukuthi wehlulwa eKalvari, ngenkathi uKristu efa, wabuye wavuka, futhi wahhundulwa onke amandla owawunawo. Awusenawo amandla asele, ungumkhohlisi nje. Futhi siveza obala ukukhohlisa kwakho, eGameni likaJesu Kristu, ngegunya leNgelosi kaNkulunkulu, Osiyale ngalomhlangano: Phumani kubantu, nonke nina bomoya bezifo, futhi bayekeni abantu, eGameni likaJesu Kristu.

Sukumani nime ngezinyawo zenu manje, futhi ninike uNkulunkulu udumo. Ngimemezela ukuthi niphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu. 

58-0521 Bheka, Ngimi Ngasemnyango Ngingqongqotha
ECity Hholo
EBangor, EMaine E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org